# *ISAMBULO,*

# *ISAHLUKO SESINE INGXENYE II*

Ngijabula kakhulu ukuba khona futhi namhlanje ekuseni. Bengicabanga nje ukuthi kanjani ukuthi leliqhwa... Manje, futhi ukuba besiseColorado, leliqhwa belizoba ngelithambe ngempela futhi lilula, futhi libe cishe ngamashumi amane ngaphansi kukaziro. Futhi ubungathi "Ha..." uphephethe kanjalo, futhi lihambe lithi ngqu othulini. Futhi bekuyoba njalo bonke ubusika gulukunqu. Kepha manje, njengalapha, kulokhu kuqhela...uhlobo lokubaphakathi, phakathi kwendawo, manje sekuba manzi ngempela futhi kushibilike futhi kube kubi, futhi—futhi nje kubukeka sengathi ngi—ngifisa sengathi ngingavele nje ngindize ngihambe, ngiwelele e-Arizona, futhi ngilinde kuze kufike intwasahlobo bese-ke ngiyabuya.

2 Yileyondlela sonke esiba namakhaza ngayo, amagciwane nezinto manje zilele emhlabathini futhi kuzoba yiqeqeba lamakhaza bese-ke liyancibilika, futhi-ke kuba iqeqeba lamakhaza bese-ke kuyancibika. Futhi lokho kuyakhuphuka futhi siyakuphefumula lokho kungene ngaphakathi, bese siphathwa yimiphimbo, ukuphathwa amakhanda, neminjunju nobuhlungu. Futhi, he, he, isikhathi esinjena pho, indawo enjena pho.

> Kodwa kukhona izwe ngaphesheya komfula,
> Abalibiza ngokuthi limnandi phakade,
> Futhi sifinyelela kuphela kulololugu ngomthetho wokukholwa;
> Esangweni singena ngamunye ngamunye,
> Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
> Ngolunye usuku bayoshayela wena nami izinsimbi zegolide.

3 Yilapho esiya khona eKhaya ukuyohlala khona-ke, akunjalo na? Yilolosuku esilufunayo.

4 Manje, izolo ebusuku ngizijabulele ngempela lezozintshumayelo ezimangalisayo nezinto engizizwile kubazalwane bami. Uphi uPat Tyler, ngabe ukhona kulokhukusa na? Pat, o, angikubonanga uhlezi khona lapho umkhulu njengokuphila futhi uphindeke kabili njengemvelo. Futhi—futhi a—angikubonanga uhlezi lapho. Okokuqala ngike ngaba noPat...ngizwe uPat ekhuluma; ngempela ngikujabulele lokho, ngiqinisekile sonke sikujabulele.

5 Bese kuthi-ke umfowethu omncane onikeze lobobufakazi obuvuthayo bentshumayelo lapha obuzwakale ngempela njengokudubula komshini-gani. Omunye umfowethu, ngihlangane naye, evela e-Ohio. Ngabe ulapha kulokhu ukusa na? Ndawo ndawo lapha na? UMfowethu Neville uphawulile ngaye edubula ngokushesha okukhulu.

6 Khona-ke uMfowethu J. T. Parnell. Futhi—futhi ngicabanga ukuthi abazange bafinyelele kuMfowethu Beeler. Futhi ngabe yena, uMfowethu Parnell ulapha na? UMfowethu Parnell, uMfowethu Beeler na? Angiqinisekile, ngicabange ukuthi ngibone uMfowethu Beeler.

7 Lamalambu, lokhu yi. . . Ngenkathi bakha itabernakele elisha, ngithemba ukuthi balungise into ngokwehlukile, ngokwehlukile okuncane. Leli ngelethu lokuqala, lokulinga. Futhi ngakho-ke uma sike sithole elisha, ngani, sifuna lithi ukwehluka kuleli; angeke nakubona; ngiyathanda ukuthi itabernakele lakhiwe sakutshekela phansi ka*njena*, izethameli. Ubuka ngqo phakathi ezethamelini zakho ngaso sonke isikhathi. Futhi-ke kakhulukazi emihlanganweni yokwahlulela okufihlakeleyo, ungavele nje uhambe ujikeleze. Niyabo, ubakhethe ngokuzungeza kanjena, emuva naphambili ngqo. Bese kuthi-ke, ngisho ngabe ufanele ube novulande omncane wasesitezi ukuba uphume, kungcono.

8 Mfowethu Littlefield, uma uBilly elapha, ungishayele ucingo izolo ebusuku futhi uthumela izincazelo zalelotabernakele engalinikela lapho, okungukuthi abadwebi bamaplani ezindlu. . . Mfowethu Wood, kubiza, ngiyakholwa, amadola angamakhulu ayisihlanu okomdwebi nje wamaplani ezindlu ukukudweba. Futhi u—uthumela lokho nentengo nayo yonke into yayo yonke impahla yokwakha nawo onke amathubhayi-fo nokuthi-kuphindwe-nokuthi okungena kukho. Futhi ukuthumelela kithi, futhi ufuna ukuza; futhi wathi uzoya kubantu abanquma izingodo nokunye nokunye futhi babone ukuthi angeke yini abathole ukuba benze u—ukusika njengoba benza kwelakhe. Itabernakele elihle kakhulu, alilikhulu kakhulu, kodwa isakhiwo esihle.

9 Ngakho-ke ngimtshelilile, ngithe, "Ngi—ngizokunikeza abaphatheli nabadikoni masinyane nje uma ukuthumela kuBilly futhi—futhi khona-ke sizodedela babone ukuthi ukubekelela okungakanani abafanele babe nakho ukuqala isakhiwo sabo."

10 Uthe, "Uma ukwenza, ngiza, ngiyeza, ngizogqoka ipheya lama-ovaloli futhi ngihlale nawe ngqo ngalesosikhathi." UMfowethu Littlefield uyindoda enomusa kakhulu, indoda enomusa, olunge kakhulu.

11 Manje, ngabe nonke nizwa kahle phezulu kukho, ukuqala uNyaka oMusha manje na? Amen! Phumelani oNyakeni oMusha. Sifuna ukuwuqala kahle, sikhonze iNkosi. Bangaki abavukile

namhlanje ekuseni futhi baMbonga ngonyaka omdala nakho konke obukusho, futhi baMcela, "Khohlwa yimuva"? Ngakho-ke, sikwenzile eceleni kombhede lapho sivuka, sase-ke singena etafuleni futhi lapho ngokuvamisile i-altare lomndeni omncane, bayabuthana bazungeze itafula futhi bakhuleke.

12 Futhi ngakho-ke sihlala njalo sizama ukukwenza umkhuba wokukhuleka ebusuku ngaphambi kokuba siyolala. Nginakho, ukuthi, selokhu ngaqala ukuphenduka. Ngiyavuka ekuseni, futhi kumnyama kakhulu futhi kunenkungu kakhulu ukuba ngihambe, a—angazi lapho ngiyakhona. Kodwa uma nje ngiMcela ukuba athathe isandla sami futhi angihole usuku lonke.

13 Khona-ke ngiyakhumbula, ngapheshéya komgwaqo ngqo lapha, ngenkathi nje ngiseyinsizwa, uBilly Paul wayethi akabe neminyaka emithathu ubudala, noma emine, futhi sasihlala ngapheshéya nje kwesitaladi. Futhi ngobunye ubusuku wayefuna ukuphuza amanzi, futhi kwakungaphandle ekhishini, isikheleli sisebhakedeni. Futhi ngathi . . . O, ngangikhathele kakhulu, ngangisebenze kanzima usuku lonke futhi ngashumayela ingxenye yobusuku. Futhi—futhi wathi, "Babayi, ngi—ngifuna ukuphuza."

14 Futhi ngathi, "Billy, ngena ekhishini nje lapho, asetafuleni elincane." Ngathi . . .

15 Wavuka, wahlikihla amehlo akhe, futhi wabuka lapho, wathi, "Babayi, ngiyesaba ukuhamba." Niyabo?

16 Futhi ngathi, "Awu, lokho uku . . . kulungile." Ngathi, "Qhubekela phambili nje, s'thandwa, futhi uphuze. Ubabayi ukhathele kakhulu." Ibanga elincane nje, cishe ukuya kulelowindi.

Futhi yena—yena wathi, "Kodwa ngiyesaba ukuhamba, babayi." Niyabo?

17 Awu, ngavuka nomfo omncane. Futhi wafinyelela phezulu futhi wabamba isandla sami, futhi kwakuyinto enhle; asihambanga amanyathelo amane noma amahlanu waze wazishayisa endwandwini lapho uMeda wayekade esula iphansi lendlu, nasesiqeshini sikamata, futhi niyazi ukuthi kunjani lokho. Futhi wavele nje wenza ukuphulukundlela, kodwa ngangibambe isandla sakhe, futhi khona-ke wavele wangicindezela nje wangiqinisa kakhudlwana. Futhi khona-ke ngama lapho isikhashanyana, futhi ngacabanga, "Nkulunkulu, kunjalo." Niyabo? "Angifuni ukwenza isinyathelo esisodwa ngaphandle kwaKho ubambe isandla sami, ngoba angazi ukuthi ngizoshelela nini." Niyabo? "Futhi inqobo nje uma ngizwa esikhulu esaKho, isandla esinamandla sixhakathisa esami, ngiyazi Uzongiphakamisa ezikhathini zokwami . . . " Niyabona?

18 Ngakho-ke ngizama ukwenza umkhuba walokho, uku—ukugcina isandla sami kwesaKhe. Futhi kwezinye izikhathi

ngenze izinto ezibonakala zingumbhedo ekuboneni kwami uqobo, izinto ezinjalo ezibonakala zingesikho okwemvelo emqondweni womuntu; kodwa uma nje sikuyeka, ngithola ukuthi kwakuyiyonanto kuphela eyayingenziwa ukuba ilunge.

19 Wena uyazi, izinto azibukeki zikahle lapha, uma uNkulunkulu ekuholela kubo, bazoba kahle phandle lapha ndawo ndawo, niyabona, ngoba Uyazi ukuthi kuholwa kanjani. Ngakho-ke, sibona ukuthi Ungumusa wethu owanele konke, futhi konke lokho esikudingayo noma esikukhathalelayo kukuYe, khona-ke asibeke eceleni konke okunye ngaphandle kwaKhe futhi sibambelele esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo.

20 Sasivamise ukucula iculo lapha, angikaze ngilizwe liculwa esikhathini eside. Manje, angeke ngicule futhi kukhona... Angicabangi ukuthi kukhona izihambi kanye nathi. Ngakho-ke ngi... Yingalesosizathu ngizama lawomaculo amancane, niyazi, ngoba ngiyalithanda nje. Futhi Gene, uma uvumela lokhu kwedlule kuleyoteyipu kuphumele emphakathini... Sasivamise ukucula iculo elincane lapha:

> Isikhathi sigcwele ukuguquka okusheshayo,
> Lutho olusemhlabeni olungenyakaziswe olungama.
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Bangaki kini asebake balizwa iculo na? O, ngiyalithanda, anilithandi na? Ake sizame ivesi lalo:

> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

Ake sizame ivesi:

> Nxa uhambo lwethu seluphelile,
> Futhi kuNkulunkulu besiqotho,
> Elihle nelikhazimulayo ikhaya lakho eNkazimulweni,
> Umphefumulo wakho owethabile uyolibona!
>
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

21 Asisukume manje umzuzu nje senzele umkhuleko, uma nithanda, ngenkathi siphakamisa esinye sezandla zethu kuNkulunkulu futhi sicule lokho futhi:

> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

[UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.]

> . . .-vet ingcebo yalelizwe eyize,
> Ebuthuka ngokushesha kangaka,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Azisoze zedlula!

22 Baba weseZulwini, njengoba sisamile, Nkosi, siyathanda nje ukucula lawomaculo amadala, ehlela le phansi ekujuleni kwezingxenye ezingaphakathi zenhliziyo yethu futhi zizwakalise uthando lwethu kuWe, uNkulunkulu ophilayo. Futhi njengoba siphakamisa izandla zethu, Nkosi, namhlanje ekuseni, kuyisikhumbuzo esincane esithi "Bamba izandla zethu, Nkosi." Njengoba bengixoxa ngoBilly Paul, ukuthi wasixhakathisa kanjani isandla sami, ubezokuwa ukuba bengingabambanga. Futhi, O Nkulunkulu, besizowa kangaki ukuba Wena ubungasibambile isandla sethu! Ngiyacabanga ukuthi kanjani yena, engenamama, njengengane encane. . . nokuthi kanjani. . . ukuthi kanjani phansi empilweni, ukuthi imigwaqo ayeyithathile, ubeyobulawa kudala, kodwa kwakukhona iSandla esikhulu esasingaluleleka lapho esami sasingeke sifinyelele, futhi sibambe. Manje, siyajabula kakhulu ngalokho.

23 Ngiyajabula kakhulu ukwazi, Nkosi, ukuthi uma sizizwela umphefumulo wethu wehlukana nalomzimba, ukuthi sisekhona isandla esingaselula futhi sikubambe, sizosiholela ngaphezu komfula. SiyaKubonga ngalezizinto, lesi isiqinisekiso, lesisiqinisekiso esibusisiweyo esinaso, iHange lomphefumulo, elisigcina siqinile ngenkathi sisahamba ngaleya kuloluhambo noma sisantweza olwandlekazi oluzothile lokuphila.

24 Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi njengoba imbongi yathi, "Odabukile, nomfowethu oshayise ngomkhumbi, ebona ukuqina kwethu (esiqwini somkhumbi), ekubona, uyothatha inhliziyo futhi, noma ame isibindi futhi aphinde azame"; azi ukuthi uNkulunkulu owanele konke, uma sikhubeka noma siwa, isandla saKhe esikhulu silapho ukusisiza. Umusa waKhe wenele.

25 Manje siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi sizo, namhlanje ekuseni, qala uNyaka oMusha ngamahubo futhi nokucula nokuthokoza, futhi sazi ukuthi uNkulunkulu uzosihola

ezansi asedlulise ohambweni lwempilo nangaphezu komfula wokufa, singene kuleloZwe lesethembiso. Amehlo ethu abuka ngaleya kwemifudlana enwebekayo yaseJordani namhlanje ekuseni, kuya lapho amasimu e—esithombo esidliwa yimfuyo namasimu esihlahla esingawohloki iyamila, futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi imiphefumulo yethu izobamba lowombono futhi ingalokothi iwavumele asuke. Ngelinye ilanga lapho sifanele sehlele kulowomfudlana lapho unqamula khona, ukuthi, njengo-Eliya wasendulo, iNgubo ende kaNkulunkulu iyoshaya imifudlana yokufa futhi siyohamba ngaphezulu ngaphandle kokwesaba. Siphe khona, Nkosi.

26 Sisize njengoba sisondela eZwini laKho. O Nkosi, ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele waKho uzogcoba leliZwi. Asenele ngempela ukubafundisa, kungesikho ukuba uthisha. Siyazi ukuthi indlela kuphela esiyoKwazi ngayo ingalowoThisha oyinkosi omkhulu ukuba afike ukuzothatha indawo yaKhe—yaKhe yokuhlala ezinhliziyweni zethu, no—nokunqoba izingqondo zethu ngendlela yokuthi (futhi imicabango yethu) size sizo . . . Uzohumusha imiBhalo eNgcwele kithi. Sethembele ngesizotha kulokho. Futhi cabanga ngakho, Nkulunkulu.

27 O, kumangalisa kanjani ukuthi uBaba ophilayo kanjalo, owayesuka . . . lokho ukuzalwa impela kwePhakade, okuzokwehlela ezidalweni ezifayo futhi kusisize, futhi ubengaletha iZwi laKhe futhi aLinikezele emilonyeni yethu nasezinhliziyweni nasezindlebeni ukuze sizoLizwa futhi siliphile, ukusihlenga sisuke esiqalekisweni ukuthi besingenalutho olusihlanganisa naso, Baba, ngoba kwenziwa isintu futhi siyinzalo yalezo—lezo zithandani zokuqala. "Futhi sazalelwa esonweni, sabunjwa ebubini." Kodwa uNkulunkulu olungileyo nophilayo uyazi ukuthi asihlanganise nalutho nalokho, kodwa siyenzile indlela yokuphunyuka futhi siphe ilungelo lokuza. Sijabule kanjani ngokuthi size eNdlini kaBaba!

28 Siyakhuleka manje, ukuthi Uzobusisa ibandla lethu lapha, uMfowethu Neville, umelusi wethu—wethu oyiqhawe, inceku yaKho ethobekile. Sikhulekela abadikoni nabaphatheli bethu, ukuthi Uzobanikeza unyaka omkhulu kunayo yonke ababenayo. Siphe khona, Nkosi. Banikeze impilo ende. Baqinise, Nkosi, bayizinceku zaKho. Sengathi bangahlala njalo bengamaqhawe endaweni yokugada. Busisa amalunga nje ebandla, a—amalunga, abantwana bakho abathandiweyo abathandekayo oza kulendlu. Nkulunkulu, sibiza umphefumulo wabo bonke abeqa umnyango walendlu. Sikubizela Wena, Nkosi. Sisize ukuba sibe ngabefundisi abanjalo abazoletha iZwi kalula kakhulu futhi libe iqiniso kakhulu, ngoMoya oNgcwele, ukuthi bazolangazelela ukufana naWe, Nkosi. Siphe khona. Phulukisa abagulayo nabahluphekile abangenayo. Futhi ezweni lonke jikelele, siphe khona kuyo yonke indlu kaNkulunkulu.

29 Ekugcineni, lapho Usuqedile, Nkosi, kwangathi singangena emasangweni aKho, sihlale phansi etafuleni lokwamukela likaNkulunkulu, futhi sidle futhi sihlale ndawonye iminyaka engayikunqamuka. Kuze kube ngaleyonkathi, kwangathi singaba nempilo namandla okuqina, ukujabula, intokozo, amandla nokunqoba, nezibusiso zikaMoya oNgcwele ukuba zisihole. Sikucela eGameni likaJesu. Amen. Ningahlala phansi.

30 Ngiyawuthokozela lowomnyuziki okahle namhlanje ekuseni. Lokho . . . Ngisanda kungena nje, ngesikhathi, ngikhuluma nomngani wami olungile, uMfowethu Skaggs, no—noMfowethu Gene emuva lapho, nomunye umfowethu emnyango; ngize nje ngezwa ingxenye yakho, kodwa bekungena kwisiqophi kahle kakhulu.

31 Nisijabulela kanjani nonke iSambulo na? Kulungile na? Ngikholwa yikho konke njengentombazanyana yami, uSarah, emuva lapho, sekuba "ngumbhedukazwe" kimi, nje kuyi—nje kungumbhedukazwe oqhubekayo njalo njalo. Niyazi, ngifisa sengathi ngabe sibenakho manje kuze cishe kube uMashi noma u-Aphreli, ukubeka nje leyondwangu yokudwebela enkulu kakhulu inqamule emuva lapha futhi ngehle nje emini futhi ngidwebe lezozithombe nalolonke ishadi, futhi ngiwaphakamise nje phansi naphezulu njengompheme wamawindi, niyazi, njengoba ngangihlale ngiphupha ngesinye isikhathi sokuba netabernakele elikhulu kakhulu ndawo ndawo lapho ebengingafinyelela phansi bese ngidonsela lelishadi phansi, ngiza indlela yonke nginqamula umsamo; nezambulo nokuhumusha iNkosi engiphe khona, bese ngithatha isikhombisi bese ngiqala ukwedlula lapho futhi ngehlise leminyaka. Bese kuthi-ke uma sesiqedile ngalokho, siphakamisele phezulu okukodwa, sidonsele okunye phansi ka*njena* bese siqala kulokho, futhi sikufundise konke nya. O, lokho bekuyoba njengezulu elincane, bekungeke na? Siyekelele nje ubusika bonke nye, sikuyekelele nje neNkosi.

32 Kuhle kakhulu ukuba wedwa kanye naYe! Niyazi, sasivamise ukucula iculo elithi, "Kunezikhathi engithanda ukuba ngedwa kanye noKristu iNkosi yami, ngingaMtshela zonke izinkathazo zami ngingedwa zwi." Niyabo, leyo indlela yokuthola. Babevamise ukulicula, uRoy Davis, wayevamise ukucula iculo elincane, *Nyenya Usuke Ukhuleke noJesu.* Yonke into ikhomba nje . . . yonke into ongayibuka njalo iwela emuva ngqo emgqeni kaJesu Kristu, ayikwenzi na?

33 Manje, eminyakeni yebandla esikhulume ngayo, ezinsukwini eziyisishiyagalombili zokugcina emhlanganweni . . . Khona-ke izolo ebusuku ngicabanga ukuthi sifike evesini 2 lesahluko 4 seSambulo. Futhi ngicabanga ukuthi nonke benilapha izolo ebusuku uku—ukukuthola. Futhi ngakho ngi . . . mhlawumbe uma ngehlela phansi ngevesi noma amabili aso kulokhukusa, futhi . . . Noma ukuthi iNkosi izohola kade kangakanani, angazi.

Ngehlele ezansi cishe evesini 6 noma 7 lapha, ingqikithi encane nje ebhalwe phansi lapho engingabuyela khona ezingxenyeni ezihlukene zemiBhalo futhi ngikhiphe lezozinto, nalapho engifunde khona izolo.

34 Futhi manje, sithola ukuthi, sishiye izolo ebusuku, ngiyakholwa, evesini 2, ngiqala ngele 3, ngicabanga ukuthi bekuyilo. Futhi sishiye nje nge "IPhimbo leCilongo." Bekungenjalo yini, "Ukuzwakala kwePhimbo"? Angikufunde konke ukuze sibuyele emuva manje:

> *Emva kwalokho ngabona, futhi, bheka-ke, umnyango uvulekile ezulwini: nezwi lokuqala engalizwayo* la*linjengelecilongo likhuluma nami; lithi, Yenyukela lapha, ngikutshengise izinto*. . .*kumelwe ukuba kubekhona emva kwalokhu.*
>
> *Masinyane ngaba kumoya: futhi, bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini, nohlezi phezu kwesihlalo sobukhosi.*
>
> *Nohleziyo* esihlalweni sobukhosi. . .*wayefana netshe lejaspi*. . .*nesardiyu*. . .*ukubukeka kwakhe: nothingo lwenkosikazi* ngokuzungeza *isihlalo sobukhosi* lufana *nesimaragidu ukubukeka kwalo.*

35 Manje, lesi esihle, o, isifundo esihle! Futhi namhlanje ekuseni, ngaphambi nje kokuba bengiza ngehla, ngifike ezansi lapha evesini le 6, ngicabangile, "O, he, angeke nje ngikwedlule lokho, ngoba nansi into ethize kuleli vesi le 6 ngifuna bonke abantu bayizwe kahle ngempela, lapho sifika kulezi*zilo*." Izincazelo ezahlukahlukene zalezizilo lapha, ngibuka emuva kokwasekuqaleni, esisodwa uhlobo olulodwa lwesilo, futhi ezinye izilo ngesinye. Esisodwa yisilwane, esiGrekini, njenge "silwane sasendle." Lesi esinye asihunyushwanga kahle kwiKing James, ngoba akusona *izilo*, yizi "Dalwa eziphilayo." Nokuthi kanjani lezoziDalwa, lokho ezaziyikho, sasingesiye umuntu kanjalo sasingesiyo iNgelosi. Ngakho-ke yi "ziDalwa eziphilayo," nokuthi kukanjani zaba nobuso obune nezine. . . O, he, sehlisela lokho ngqo eVangelini, futhi sikubuyisela emuva ngqo futhi siyakubeka namhlanje ngokuphelele njengoba kunjalo lapha. Futhi, khumbulani, isine inombolo yasemhlabeni. Niyabo? Futhi nje kuyisifundo esihle lapho, futhi ngakho ngi—ngiqinisekile impela angeke sehlele phansi singene kulokho; mhlawumbe sizokwenza. Kodwa kuyamangalisa kakhulu!

36 Khona-ke, iNkosi ithanda, khona-ke uma singapha, mhlawumbe ngeSonto elizayo singaphinde sizame lokho futhi; ukuzama, phansi, sibone ukuthi singasiqeda yini lesisahluko 4 ngaphambi kokuba sihambe. Asazi ncamashi okwamanje ukuthi ukuqala kokuqala kuzoba kuphi.

37 Manje, sithola ukuthi *emva*, "Emva kwalezizinto." *Ngemuva* kusho ukuthi "Ngemuva kokuba iminyaka yebandla isiphelile."

38 Khona-ke uJohane wabizelwa ukuba akhuphukele phezulu, "yenyukela lapha," okusho ukuthi "khuphukela lapha." Wamkhombisa konke lokho okwakuzokwenzeka ezweni lo—lonyaka weBandla. Khona-ke emva kokuba iminyaka yebandla isiphelile, siyathola-ke ukuthi uJohane wayengumfanekiso walo lonke ikholwa leqiniso eliyobizelwa nguKristu kweliPhezulu. Kunjalo na? Ukubizelwa, "Yenyukela lapha."

39 Futhi sithola ukuthi iPhimbo elakhuluma kuye kwakuyiPhimbo lecilongo, elicacile, ngokusobala, futhi kwakuyiPhimbo elifanayo elakhuluma kuye lapha emhlabeni. Niyabo, inqobo nje njengoba Wayephakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, Wayekhuluma ku. . .noma *kusukela*. O, ngiyakuthanda lokho, "ekhuluma ngokusuka ezintini zezibani." Niyabo, Wayesezintini zezibani, ekhuluma ngokusuka kuzo kuya eBandleni laKhe. Khona-ke lapho unyaka webandla usuphelile, Washiya umhlaba futhi wakhuphukela emaZulwini futhi Wabizela phezulu abaHlengiweyo baKhe kanye naYe. O, akukuhle lokho na? Ngi—ngi. . .O, kwenza nje inhliziyo yami igxume.

40 Futhi khumbulani, njengoba siletha lezizinto, ngifuna ikakhulukazi abaphendukile abasebasha njengoDadewethu Ina lapha, noma, no-Ina, njalo, nomyeni wakhe, noRodney no—nonkosikazi yakhe, noCharlie kanye nabo, baqonde ukuthi lezizinto, nabaningi benu bantu abasebasha abasanda kuza eNkosini, ongakahambi wehlela kude kakhulu emgqeni okwamanje, abasanda kuMnambitha nje futhi babona ukuthi Muhle futhi unomusa. Manje, qaphela lokhu, ukuthi lezizinto esizikhulumayo, esizama ukuzenza ukuxazulula ukukholwa kwakho, ukuthi uma uNkulunkulu esho noma yini izofanele yenzeke. Kalula nje akusoze kwehluleka! Akunandaba. . . Kungahle kubonakale sengathi kungamamayela ayizigidi. . . futhi akusoze kwenzeke, kodwa uNkulunkulu uyokuhambisa kuzungeze ngqo futhi akwenze kwenzeke. Futhi Wenza lokho ukukuvivinya.

41 Bukani ukuthi Wathini ku-Abrahama. "Thatha indodana yakho uyikhuphulele lapha esicongweni segquma bese uyayibulala," emva kokuba eseyilinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Futhi Wathi, "Ikhuphulele lapha bese uyayibulala." Futhi kanjani. . .? "Ngizokwenza ube nguyise wezizwe."

42 Futhi u-Abrahama, eneminyaka eyikhulu ubudala; umkakhe, enamashumi ayisishiyagalolunye; futhi umntwana wabo okungukuphela kwakhe. . .U-Abrahama wayesecishe abe nekhulu neshumi nanhlanu ngaleyonkathi. Ngakho-ke wathi, "Uzoba kanjani, kanjani—kungaba kanjani na? Uma mina, ikhehla, njengoba sengimdala kanjena, futhi ngilinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. . .Unginika isithembiso ngineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, futhi

lapha senginekhulu. Futhi uSara wayenamashumi ayisithupha nanhlanu, futhi manje unamashumi ayisishiyagalolunye. Kanjani na? Ngemuva kokuba sesibe nalengane. . . Futhi Wangitshela emuva le lapho, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule lapho ngangineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, ngangizo 'zoba nengane' emuva kokuhlala noSara yonke leminyaka, ngangingenanzalo futhi yena wayengezali. Ngakho-ke kanjani na? Nokho, Ungenzile ngaba nenzalo futhi wenza naye wazala, wase uyafika-ke futhi usinika ingane. Futhi simkhulisile lapha waze waba neminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, futhi ngalomntwana Wathi Uyo 'Busisa abeZizwe naso sonke isizwe emhlabeni,' futhi ungenze ubaba ngisho wabeZizwe, ungenza ubaba. Khona-ke eminyakeni ezayo, Nkosi, ukuthi Ungenze ubaba wazo zonke izizwe ngaphansi kwamazulu ngalomntwana. Futhi ngalomntwana kuzofika uMhlengi, futhi ngalowoMhlengi uyohlenga sonke isintu. Uzokwenza kanjani, Nkosi na?" Lowo kwakungewona umcabango ka-Abrahama, lowo kwakungewona umbuzo ka-Abrahama. Ukulalela! Akashongo ukuthi, "Uzokwenza kanjani na?"

43 "Akusiwona umsebenzi wami. Ukushilo, ngakho ngiyazi iZwi laKho liqinisile, uma Ungaligcina iZwi laKho ngami futhi ungangikhombisa lokho ngenkathi ngangineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala; lapho wangibiza futhi wathi, 'Zahlukanise futhi uhambe ungene ezweni ongalazi,' sengibe kulelizwe iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Ngashiya, ikhehla, ngahlala nonkosikazi engahlala naye kusukela eseyintombazane," ungudadewethu ingxenye. "Futhi khona-ke ngi li- . . . sonke lesisikhathi. Futhi Unginika lengane Owayethembisa; ngamemukela njengovela kwabafileyo. Futhi uma Wena uthi 'mbulale,' Uyakwazi ukumvusa kwabafileyo futhi." O, he! Leyo yindlela, yilokho. Futhi Wakwenza.

44 Futhi kwathi nje angalalela uNkulunkulu ngokugcwele, wahlelemba izinwele sika-Isaka ebusweni bakhe, wahosha umkhonto omude ukuba abulale i. . . indodana yakhe uqobo, indodana yakhe ezelwe yodwa. UNkulunkulu wayekhombisa iphethini, wayekhombisa thina. Ukuthi Wayekwenzelani lokho na? Wayengafanele. Kodwa Wakwenza ukuze wena nami, ukuthi singahle sibuke phezu kwalezizinto kulolusuku olwesabekayo olumnyama lapho izinhliziyo zabantu zigcwele ububi kakhulu, ukuze sizokwazi ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Kungakhathaleki ukuthi kubonakala sengathi akwenele kanjani, ukuthi kungahle kungabi nakwenzeka kanjani, uNkulunkulu uhlala enguNkulunkulu futhi Uyasigcina sonke isithembiso Asenzayo.

45 Yilokho engizama ukukusho kini uma sima lapha enkonzweni yokuphulukisa. Yima lapha, wena uthi,

"Ngiyagula." Futhi Wena...Akungabazeki lokho, uyagula. Kodwa uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe! Khona-ke Uzokwehla. Manje, uyabo, Wenza ukubuyisana lapha ukuthi Yena—ukuthi Uzokuphilisa. Yilokho Akwenzile. Manje, into kuphela kwento Akucela ukuba uyenze ukukholwa lokho, bambelela kukho njengoba nje u-Abrahama enza.

46 "Awu, udokotela uthi ngizo—ngizophila olunye futhi usuku."

47 Anginandaba. Lokho kulungile, yilokho kuphela umuntu akwaziyo, yilokho okwedlula konke akwaziyo. Wayezomemukela kanjani u-Abrahama lomntwana emva kokuba wayesevele emlalise phezulu lapha, futhi iZwi likaNkulunkulu lamtshela ukuba "hamba ubulale umfana"? Uzokwenza kanjani na? Lowo akusiwo umbuzo. UNkulunkulu wathi kwenze futhi lokho kuyakuxazulula. "Ngizosinda kanjani futhi udokotela uyasho ukuthi angeke ngisinde na?" Mina... lokho akusikho okwami...mina ukuba ngibuze; ngukuthatha iZwi likaNkulunkulu. Futhi kuthi nje kungembulwa kuwe ukuthi uzosinda, khona-ke u—uyakhumbula nje ukuthi uzosinda. Ayikho into engakuvimba kukho. Kunjalo. Niyabo?

48 Ngakho-ke lapho u-Abrahama elalela ngokugcwele... Ukuthi Uzokwenza kanjani na? Umzuzu wokugcina, imizuzu emihlanu yokugcina iyafika, imizuzu emithathu yokugcina, imizuzu emibili yokugcina, umzuzu owodwa wokugcina, imizuwana engamashumi amathathu yokugcina, umzuzwana wokugcina uyafika, lapho isandla esase sivele siphezulu ukuthatha impilo yomfana, uNkulunkulu wathi, "Kuyeke khona lapho. Kuyeke khona lapho, niyabo. Ngiyabona ukuthi uyaNgethemba ngempela. Manje, ngikwenzile nje lokhu, Abrahama, ukukhombisa iTabernakele likaBranham ezinsukwini ezizayo, niyabo, ngalokho okwenzekayo, ukuthi bafanele baNgethembe. Abafanele baNgingabaze nhlobo. Thembani Mina!"

49 Cishe ngalesosikhathi, yena...Lapha kwakungumhlatshelo, akazange neze akwenzele ize. Qhabo, akazange akwenzele ize, ngokuba ngaleyonkathi nje i—iwundlu lakhala, inqama encane yayihhukekile ehlane lapho ngezimpondo. Futhi kukangaki sahamba sedlula kulokho. Yafika kanjani leyonqama lapho na? Kanjani, kwedlule kuzozonke lezozilwane zasendle na? Amakhulu amamayela ukusuka empucukweni, phakathi kwamabhubesi, ojakalase, izimpisi, lonke uhlobo lwesilwane sasendle emuva phakathi lapho, phezulu le esicongweni sentaba lapho kungekho-manzi noma utshani, yayenzani phezulu lapho na? UNkulunkulu wayidala, wavele wayibeka nje lapho.

50 Futhi ukuMbona ezinsukwini zethu esiphila kuzo! Manje, namhlanje ekuseni ngizofanele ngenze inqwaba eningi ye—yezinto eziqondene nomuntu ukuba azisho, ukuthola lokho engifuna ukukusho. Yingakho ngisekela lokhu ngendlela

engenza ngayo, ngaphambi kokuqala kulokhu. Ngifuna nina niqonde ukuthi lezizinto ezizwakala ziqondene nomuntu, azenzelwe ngokuqondene nomuntu. Zingeniselwa kuphela ukunikeza isibonelo kuwe sokuthi ukukholwa kwakho kungahlala kuphumule ngesizotha ekukholweni okukuKristu, ungahle uphumule phezu kwesithembiso saKhe. Isizathu uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe ngokuphelele nje njengoba kungaba njalo, manje ekhombisa kithi.

51 Futhi bukani kulowo*Jehova-jira* ofanayo, u-Abrahama ambiza Yena, okusho ukuthi ngesiHeberu "uNkulunkulu uzozibonela Yena umhlatshelo." UNkulunkulu angakwenza lokho. Wenza indlela yaKhe. Uma Athi . . . Watshela uNowa . . .

52 Wena wathi, "Awu, lowo nje kwakungu-Abrahama." Qhabo. Wakusho konke phansi kwedlule eminyakeni, futhi Usasho namanje.

53 Washo kuNowa emuva lapho, ukuthi, njengoba singena kulokhukusa, "Ngani, lizokuna." Ngani kwakungekho . . . kwakungakaze kube nefu esibhakabhakeni. Umfudlana omkhulu wamanzi wawuyingatsha lapho uNkulunkulu wayenisela khona umhlaba, isiphethu esincane ndawo ndawo. Lowo kwakungumfudlana omkhulu ukwedlula yonke wamanzi owawukhona.

54 Manje, abantu bathi, "Kuzokuza kanjani emhlabeni ukuba kwehle amanzi avela phezulu lapho na? Ngikhombise ukuthi akuphi phezulu lapho kulolonke lelolanga elishisayo, uma engekho phezulu lapho."

55 "Uma uNkulunkulu athi, 'yakha umkhumbi, ukuthi ayeza,' kungumsebenzi wami ukwakha umkhumbi futhi ngilungele, ngoba ayeza. UnguJehova-jira, Angawahlinzeka amanzi phezulu lapho."

56 Futhi into kuphela Ayenza kwakungukuvumela indoda, eyisiwula, indoda eyisithutha, yenze ncamashi ngesayense yayo, ukufezekisa lokho Ayekwazi ukuthi kuzofika. UNkulunkulu akalokothi abhubhise izwe; umuntu ubhubhisa izwe. UNkulunkulu akabhubhisi lutho, uNkulunkulu uzama ukuvikela yonke into. Umuntu uyazibhubhisa ngolwazi lwakhe, njengoba enza ensimini yase-Edene emthini, nokunye nokunye. Futhi ngakho-ke olunye uhlanya oluthile luthole ukubamba kwamandla athile ebhomu le-atomu, ndawo ndawo, ababenawo.

57 Ba—bangasebenza ngawo khona-ke, ngoba bangenza izinto khona-ke ngakho esingakaze sizifunde namanje. Asikathuthuki kangako. Mhlawumbe kungathatha iminyaka emithathu noma emine okwamanje, noma ngaphezulu, ngaphambi kokuba sikwenze, ukwenza lokho abakwenzayo. Bakha izivivane nebhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe nokunye nokunye. Asisoze sakwenza lokho. Asisoze sakukhiqiza

lokho, ayikho indlela kithi ukukwenza, ngaphandle kuphela uma singathola amandla e-atomu. Amandla kapetroli, amandla kagesi, abengeke aliphakamise elilodwa lalawo matshekazi, ayengeke alinyakazise lisuke emhlabathini. Futhi amanye awo aphakeme ngangebanga lendlu yasedolobheni, phezulu emoyeni, futhi esinda amathani ayizigidigidikazi. Bawaphakamisa kanjani phezulu lapho na? Niyabo, babazi.

58 Futhi baqaqa lokho, omunye umuntu adedele elinye lalawo mabhomu e-atomu andize angene emphemeni wamanye, emuva ezinsukwini. Ngoba, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, njengoba kwakunjalo, lolohlobo lwempucuko, lolohlobo lwabantu abahlakaniphile; njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ukuphinda kwalokho okwakuyikho! Niyabo?

59 Lapha esikhathini esingeside esedlule bamba bakhipha amathange amanzi esimanje, kwakusezansi—ezansi lapha eMexico ngaphambi kukazamcolo wasemandulo. Nikubonile na? Kwakusephepheni, lapho amathange amanzi esimanje njengoba sinawo manje, lawo acwila aya kude le ngaphansi komhlaba; okuthile kwe-atomu kwakumboza. Wavele wakuqhumisa futhi kwedlula kanjalo. Niyabo?

60 Manje, "njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa," amadoda ahlakaniphile, amadoda ahlakaniphile namandla e-atomu awo nayo yonke into, babengakha izivivane nebhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe etsheni nokunye nokunye. "Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyakuba njalo." Kodwa umsebenzi uzofinyezwa kulolusuku, ngoba kuzobakhona abantu abaHlwithwayo abakhishwayo. Njengo-Enoke, kuzobakhona abantu abaweliswayo. Sikulesosigaba kulokhukusa, abantu abawelisiwe njengoba uNowa wayenjalo wadubula kuzamcolo.

61 Kodwa khumbulani, ngaphambi . . . Ningakukhohlwa lokhu! Ngaphambi kokuba ithonsi elilodwa lemvula liwe, ngaphambi kokuba kwaba nento eyodwa esibhakabhakeni, ngaphambi kokuba uNowa ake—ake abe nomkhumbi uqediwe, u-Enoke wayiswa eKhaya. U-Enoke wahlwithwa ngaphandle kokufa, waqala nje ukuhamba ngeliny'ilanga, futhi—futhi amandla adonsela phansi alahlekelwa ukubamba kuye. Futhi wathola unyawo olulodwa luthe ukuphakama kancane, futhi olunye unyawo luthe ukuphakama kancane, futhi olunye unyawo luphakama kancane, futhi nento yokuqala niyazi, wathi, "Sala kahle, mhlaba." Wavele wahamba wakhuphuka wangena eNkazimulweni.

62 Futhi lapho uNowa eqalaza futhi akamtholanga u-Enoke nomaphi, waqalaza futhi akazanga ukuthi u-Enoke waya kuphi, khona-ke wathi, "Yisikhathi sokuqala ukwakha umkhumbi

manje." Niyabo? Futhi wahamba wayosebenza emkhunjini ukuwelisa insali.

63 Leyo yinto efanayo eyenzekayo khona lapha. IBandla lenyuselwa eZulwini, futhi uJohane manje uyakhushulwa kanye naLo njengomfanekiso wabavusiwe, njengoba sikuthathile izolo ebusuku. Futhi siyathola ukuthi leliPhimbo elifanayo elambizela ukuba abuke emuva emhlabeni, kwakuyiPhimbo elifanayo elambiza ukuba akhuphuke.

64 O, wonke umKristu! Lona kanye iPhimbo, Charlie, elakubiza ngelinye ilanga ezansi lapho eKentucky, ukuthi "Phenduka," yiPhimbo elifanayo eliyokubiza, "Khuphuka!" Awujabuli ngalokho, Mfowethu Evans na? IPhimbo elathi, "Phenduka," iPhimbo elifanayo lathi, "Khuphuka!" O, he! Lapho, ukubiza okunje pho! Iqiniso elinje! Elicacile, elehlukile njengecilongo, "Phenduka, Ngikhonze! Khuphukela lapho Ngikhona."

65 Lapho simbona emelele labo abafa, uMose ukuba amele abangcwele asebafa; bavuka. U-Eliya, neqembu lakhe ngosuku lokugcina, neqembu lakhe elaHlwithwa bemi lapho. Bonke ngaphambi kweNkosi uJesu! UJohane wakwembula lokho . . . uJesu wabatshela ukuthi a—angeke afe, futhi kwakuyini kubo uma eyophila aze abone ukufika kwaKhe. Futhi abafundi bamemezela.

66 O, ngifisa sengathi ngingathola elangempela, elijule ngempela khona manje, imizuzu embalwa, ebandleni. Wonke umuntu uyazi . . . Futhi wonke umuntu uphila i—impilo yangasese noNkulunkulu. Kuyindaba yomuntu ngamunye, izinto zikaMoya ezikuthwala zikungenise ezindaweni obungeke ulokothe ngisho ukukhuluma ngayo.

67 Ngiqaphelile lokhu kweyami encane uqobo, inkonzo othobekile, ukuthi kukhona izikhathi eziningi ukuthi ngizosho okuthile futhi ngingazi ukuthi kungani ngikushilo, futhi akubukeki kulungile (Kodwa nokho, omunye umuntu uzosho okuthile.), kodwa ngizobhekisisa futhi leyonto izoza ngokuphelele nje ngapho kulokho njengoba ingeza. UNkulunkulu uzoyenza yenzeke! Lapho nje ngifuna ukusho okuthile, ngizothi, "Awu, manje, awulinde umzuzu. Lowo*mfo*, u*s'bani-bani*, *lokhu* okuzokwenzeka ngalapha, manje lokho—lokho kuzofanele nje kube ngaleyondlela." Awu, eqinisweni, a—angazi ukuthi kungani ngikushilo. Futhi into yokuqala niyazi, kungaleyondlela nje. UNkulunkulu uyakwenza!

68 Manje, ngenkathi lababafundi babethe, "O, uJesu wathi 'lomuntu angeke afe.'" UJesu akazange akusho lokho.

UJesu wathi, "Kuyini kini uma ehlala ngize Ngifike na?"

69 Kodwa ukubona abafundi benza ukumemezela ngakho, khona-ke uJesu wafinyelela phansi futhi wathatha uJohane futhi wamkhuphula futhi wamvumela walungisela yonke into, ubona ukulungisela ukuFika kweNkosi. UJohane ubone iBandla, ubone

ukuphela konyaka weBandla, wabona ukuphela kwamaJuda, wabona ukuBuya kwesiBili, wabona lonke uhlelo.

70 Futhi bukani ukuthi uNkulunkulu wayefanele enzeni; ambilise kugrisi cishe amahora angamashumi amabili nane ezansi lapho, ukubadedela babone ukuthi wayengonobuNkulunkulu, ukuthi uMoya wobuNkulukulu wawugcobe o—okuphathelene nomphefumulo. . . (lokho okungaphandle, okuphathelene nenhlabathi, noma ngabe yini okubiza ngakho, inyama yomuntu), wayephoqeleke ngokobuNkulunkulu kakhulu kukho kwaze kwathi ugrisi ovutha bhe amahora angamashumi amabili nane awuzange ngisho umhangule. Ukuzama ukubilisa uMoya oNgcwele uphume kumuntu; angeke ukwenze lokho. Base-ke bemkhiphela esiqhingini sasePatmose, futhi wabhala iNcwadi, futhi uyabuya futhi washumayela iminyaka eminingana. Mm. Mm.

71 Kusobala, manje, wayefanele athwale igama elibi, "Wayengumbhuli wayengumthakathi." Bangaki owaziyo ukuthi uJohane wabizwa ngomthakathi na? Impela! UJesu wayebizwa ngomunye, naye. Niyabo? Niyabo, izwe alazi lutho ngalezizinto. "Wayengofunda ingqondo." Niyabo? Basho ukuthi "Wayengumthakathi onjalo waze wathakatha lowogrisi, ukuthi ugrisi angeke umshise ngoba wayewuthakathile," ngoba nje wayengavumelananga nemibono yabo yobuKatolika. Kwakuyilokho kuphela.

72 Wayeyinceku kaNkulunkulu eyayi. . . zithobile, wayenemishini encane ezansi lapho ayeyigcinile. Wayengeke abekezelelane nalezozinto ezindala ezinkulu, futhi ngakho-ke uNkulunkulu wamgcina futhi wamvikela. Wenze njalo naYe: UMartin oNgcwele no—no-Irenaeus, nabo bonke ezansi kudabule onyakeni.

73 Futhi Wenza into efanayo namhlanje, ehlela ezansi ngqo. Manje, ningalokothi nikukhohlwe lokhu, ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukuzamazama okukhulu, nokukhulu, imisebenzi yamandla. Manje, bhala lokhu emanothini akho owabhalayo (Niyabona. Niyabona na?), lokho umuntu akubiza nga "mandla nobukhulu," uNkulunkulu ukubiza "Ngobuwula!" Futhi lokho umuntu akubiza ngokuthi "ubuwula," uNkulunkulu ukubiza ngokuthi "Kukhulu!" Ningakukhohlwa lokho, niyabo, ningakukhohlwa. Lokho kuzokusiza ngokuhambisana eminyakeni ezayo, ngoba sifuna okuthile okukhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi semukela okukhudlwana ngaso sonke isikhathi, kodwa abantu bomhlaba abakwazi. Kanjalo babengakwazi ngezinsuku zikaNowa, kanjalo futhi babengakwazi ngezinsuku zikaJohane, ezinsukwini zikaJesu, ezinsukwini zabaphostoli, ezinsukwini zika-Irenaeus, noma yiluphi lwalezozinsuku, abazange bakwazi.

74 Ngisho noJoan wase-Arc, wayengongcwele, owesifazane omncane. Ngenkathi wayengelutho ngaphandle kokuba yintombazane, uNkulunkulu wakhuluma naye emibonweni, futhi iNgelosi yakhuluma naye. Niyazi ukuthi ibandla lamaKatolika lathini na? "Ungumthakathi." Futhi bambeka esigxotsheni futhi bamshisa waze wafa, abapristi bamaKatolika bakwenza; bambulala, wagwetshelwa ukufa kwakhe ngokuthi "umthakathi," futhi uJoan wase-Arc wafa njengomthakathi. Cishe eminyakeni engamakhulu ababili kamuva, bathola ukuthi wayengesuye umthakathi, wayengu—ngumfundi kaKristu.

75 Benza into efanayo kubo bonke abangcwele. UJesu wathi, "Yimuphi kini oyihlo abangamhluphanga na? Yimuphi oyedwa wabaprofethi owake weza abangazange bamenqabe na?" Wathi, "Nicaka izindonga." Wathi, "Ni—niyehla futhi—futhi nihlobisa ecopheni lamathuna abaphrofethi, futhi yini enabafaka lapho." Mm! He! He! Niyabo? Yena akazange abancenge. Mm! Wavele wabatshela nje.

76 "Lesisizukulwane sezinyoka," uJohane wathi, "ngubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuthi sino-Abrahama engubaba wenu." "Singabenhlangano ethile, izinhlangano ezinkulu."

"Ngabe ungumKristu na?"

77 "O, ngiyiMethodisti. NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal." Lokho akukho kukho konke. Lokho akungaphezulu kokwenza kuno—kuno—kuno—kuno—kunoma iqhwa likwenza ngokukhanya kwelanga. Niyabo? Akuhlanganise lutho nalo. Uma ungumKristu, uyinceku kaNkulunkulu ezelwe kabusha.

78 Manje, manje, ngenkathi uJohane efika, sibe nakho izolo ebusuku. Manje, khumbulani, uma ufika kulokhu... Okwengqikithi yento, ngi—nginitshelile-ke. Khumbulani, izwe lithola ukuzamazama okunzima kunakho konke elake labanakho, khona manje, izwe lebandla.

79 Manje, khumbulani, akungabazeki, ezinsukwini zika—zikaJohane, izinsuku zikaJesu, kwakukhona imigubho emikhulu nezikhulumi ezinkulu ezinsukwini zabo, amadoda anobuhlakani amakhulu, futhi badonsa amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantu. Ubeyokwenzenjani uKayafase uma ebize u—umhlangano ndawonye na? Ubeyoletha lonke iJerusalema, ubeyoletha wonke u-Israyeli ndawonye, eyiswa emuva naphambili. Futhi bonke bathi, "O,"

"Manje, uma uKayafase esho izinto *ezithize-thize*, lokho kuzoba kukhulu."

"O, niyayikholwa imiBhalo, Rabi, Mfundisi ohloniphekile, Dokotela, mBhishobhi na? Uyayikholwa imiBhalo na?"

"Ngokuqinisekile, ngiyayikholwa imiBhalo, ngingumfundi owaziwayo!"

80 "Kulungile. Manje, iBhayibheli lasho lapha ukuthi kuyofika isikhathi lapho kuzoba khona, 'Zonke izintaba ziyotshakadula njengezinqama ezincane, onke amaqabunga ayoshaya izandla zawo, futhi zonke izindawo eziphakemeyo ziyokwehliswa futhi zenziwe zibe phansi, zonke izindawo eziphansi ziyophakanyiswa zenziwe ziphakeme. Futhi kuyokwenziwa ngephimbo lalowo omemezayo ehlane.' Niyakukholwa lokho, Rabi, Mfundisi, Dokotela, Melusi na?"

"Impela, ngiyakukholwa lokho!"

"Kuzokwenzeka kanjani na?"

81 "O, uNkulunkulu uyothumela indoda enamandla emhlabeni ngelinye ilanga. O, uyoba ngomkhulu. Uyoba yiphimbo lomemezayo ehlane, noma uyokwandulela uMesiya ozayo. Futhi lapho efika, akukho kungabaza engqondweni yami ngaphandle kokuthi uyokwehla ephuma eZulwini futhi ehlele ethempelini. Uyokwehlela lapha ngqo ethempelini, futhi athi, 'Manje, sizothatha onke amaRoma futhi siwashaye siwabulale. Yilokho kuphela. Sizoshaya onke amaRoma siwalahle phansi.' Futhi—futhi khona-ke uzothi, 'Yehla, Mesiya!' Futhi uMesiya uzokwehla, futhi sizobumba onke amathuluzi ethu okuthena abe . . . noma izinkemba zethu zibe ngamageja okulima namathuluzi okuthena, futhi angeke kusaba khona izimpi." Futhi, e-hhe, lokho ngukuhumusha kwabo.

82 Kodwa kwenzekani lapho kufika na? Kwenzekeni na? Kwakungekho kuboniswa kweZulu, lokho abake bakubona; kwakukhona okukodwa, kodwa abakubonanga. Abakubonanga. Niyabo. Kwakunini lapho zonke izintaba zitshekula njengezinqama ezincane na? Kwakunini lapho zonke izindawo eziphakemeyo ziba ngamathafa nezindawo ezingamathafa ziba ngeziphakemeyo na? Umshumayeli omdala obuso buyinhlakanhlaka eza ephuma ehlane futhi wayengabazi ngisho o-ABC bakhe. Ngokumlando, wangena ehlane eneminyaka eyisishiyagalombili ubudala futhi akaphindanga wabonakala futhi waze waba namashumi amathathu. Wayephila ngezinkumbi noju lwasendle. Izinkumbi izintethe, lezozintethe ezinde.

83 Badla zona sonke isikhathi. Awu, ungazithenga khona lapha e . . . Ungacabangi ukuthi kubi, ngoba ungazithenga khona lapha esuphamakethe uma uzifuna, uhlobo olukhulu lwezinyosi ezakhela zodwa, izinyosi, izinkumbi, izinyoka ezinomsila okhehlezelayo, noma ngabe yini oyifunayo, niyabo.

84 Ngakho-ke wayephila ngezinkumbi noju lwasendle. Ukudla okunje pho! Kodwa wagcinwa ngamandla kaNkulunkulu. Wayengagqoki aphendulele ukhololo wakhe; njengoba omunye umuntu eshilo izolo ebusuku, uMfowethu Parnell noma abanye babo. Wayengagqoki ijazi elinomsila welokwe, nakho konke ngakho. Ephuma ehlane nesikhulu, isiqephu esidala sesikhumba

semvu ezisonge ngaso. Njengoba ngishilo, mhlawumbe... Sifanele sigeze nsuku zonke, futhi mhlawumpe akakaze ageze nakanye kwezintathu noma izinyanga ezine, phandle laphaya ehlane. Angazi. Wayengabukeki kakhulu kangako. Wayengenalo ipulpiti. Akahambanga wangena emizini emikhulu futhi abe nemikhankaso emikhulu. Wama phandle lapho osebeni lwaseJordani, udaka lufika emadolweni akhe, futhi wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onixwayisile ukuba nibalekele ulaka oluzayo na?" Mm. Yilapho izindawo eziphakemeyo zenziwa khona amathafa, niyabo, futhi amathafa enziwa izindawo eziphakemeyo. E-hhe. Yebo, mnumzane.

85 Khona-ke, into yokuqala niyazi, babelindele uMesiya ukuba ehle neziNgelosi nezinto, futhi kwehlele phansi emphemeni phandle lapho nethempeli lapho ababeMakhele ukuba eze kulo (njengoba sakha izindawo ezinkulukazi namuhla ngaphesheya kwezizwe nokunye nokunye). Niyabo? Futhi Wafika nini na? Wedlula onke alawo masinagoge, zonke zalezo zinhlangano, futhi wehlela phansi esitebeleni. BaMphoqelela kukho.

86 Yingakho kunjalo namhlanje. Uphoqelelwe ezintweni, uphoqelekile ukuthi akwenze, uphoqelelwe ukuba abe ngongakhethi-hlelo, ngoba uMlayezo waKhe awusebenzisani nehlelo. UMlayezo waKhe namhlanje, oshunyayelwa abefundisi baKhe, awukhethi-hlelo ngoba amahlelo aMxoshile amkhipha. IBhayibheli lasho njalo. Wayengaphandle, engqongqotha, ezama ukungena (Niyabo?), ebandleni laKhe uQobo. Yilapho okukhona. Niyabo, kuyafana nje namhlanje.

87 Ngakho-ke, khumbulani, okubukeka kukukhulu kumuntu, kuncane phambi kukaNkulunkulu. Manje, yingalesosizathu ungadingekile ukuba ube nenqwaba yezimbali. Futhi lapho uNkulunkulu efika futhi, lapho uJesu efika futhi, niyomangala, lowo wesifazane omncane owashayo ngemuva endleleni engumhume. E-hhe. Niyomangala, ukuthi lowomfo ongasho lutho, egcina izimfihlo zakhe kuye futhi ehamba ezungeza phambi kukaNkulunkulu, ethobekile. Niyomangala. Kuyo sur-...

88 Ngashumayela kungekudala, ekwahlulelweni... *Izimangaliso Ekwahlulelweni.* Angeke kumangalise ukubona ugweva lapho, uyazi ukuthi uyaphi. Impela. Angeke kumangaze ukubona lowomqambimanga, isiphingi, yonke into lapho, lokho angeke. Kodwa ukumangala kuzoba kulabo, futhi ukuphoxeka kuzoba kulabo, labo abacabanga ukuthi bayahamba; e-hhe, ya, bese-ke beyenqatshwa. Labo abathi, "Awu, awume kancane, umama wami usonta kulelibandla, ubaba wami usonta kulelibandla, umkhulu wami nogogo. Ngibe yilungu lapho impilo yami yonke."

89 "Suka kiMi, wena menzi wokubi, angikaze ngisho ngikwazi."

90 Bukani ezinsukwini lapho omncane, uSimiyoni omdala, indoda engaziwa, kungekho-dumo, asazi lutho ngaye eBhayibhelini. Kodwa iBhayibheli lathi, "Kwembulwa kuye ngoMoya oNgcwele," (Nanguya; nakho lapho ukhona.) "ukuthi akayikufa aze abone i—iNkosi uKristu."

91 Khona-ke bukani ukuthi kwakungubani uJohane uMbhaphathizi, uhlobo oluthile lomfo obukeka eyinqaba, umuntu wasemahlathini phandle emahlathini. Kwembulwa kuye. Uza ngaphambili eshumayela uMlayezo. Bukani kulokho!

Wayengubani u-Ana omncane na?

92 Intombi encane, uMariya, ezansi e—emzini waseNazaretha (kusho njengeJeffersonville) futhi lapho isono nayoyonke into yayichuma, kodwa yena wayezigcinile emsulwa ngoba wayazi ukuthi ngelinye ilanga kwakukhona uMesiya ozayo. Niyabo?

93 UJosefa, umbazi, wayelahlekelwe ngunkosikazi wakhe futhi—futhi wayeqomise lentombazanyana. Futhi kwakudabula lapho uMoya oNgcwele wafika kulokho. Kwase kuthi-ke izwe liyafika ngapho bese likuqamba igama elibi, njengo "mginqiki ongcwele, ipentecostal." Niyabo, uyiqambe igama elibi. "Ngani, ukuthi, yena . . . lowomntwana wazalwa ngaphandle komshado ongcwele." Niyabo, bakukholwa lokho, futhi kwakubukeka sengathi kwakunjalo. Kodwa uNkulunkulu uyakwenza lokho ukuphuphuthekisa amehlo abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi aKwembulele izingane zona ezifuyofunda.

94 Ngiyethemba kunesendlalelo esenele sokuthi uma ngishaya into ethize esikhashaneni. Ngizonikhombisa. Niyawabona lamafutha na? Manje, enginitshele khona, isendlalelo, ukubona ukuthi akusiyena umuntu, nguNkulunkulu, ngizonikhomba ku*lokhu*. Kulungile.

95 Manje, "Yenyukela lapha," kwakuyiPhimbo. Futhi lapho esevulile wezwa ukukhala kwecilongo, futhi khona-ke masinyane uJohane wayekuMoya—wayekuMoya, futhi ngokushesha lapho engena kuMoya uqala ukubona izinto. Wena uqala ukubona izinto uma ungena kuMoya. Kuqala ufanele ungene kuMoya. Ngabe kunjalo na?

96 Manje, kuthiwani ukuba ubuye emdlalweni webhola, futhi uthi, "Impela ngiyayithanda ibheysibholi." E-hhe. Futhi uzitholela isihlalo emgqeni ongaphambili, phansi ngqo esihlalweni sebhokisi futhi ubukela amaYankees noma amaBulldogs, noma ngabe bangobani, abadlalayo. Futhi bonke banomdlalo omkhulu laphaya.

97 Futhi uhlangothi lwakho seluthi alwehlulwe, uBabe Ruth wesimanje ushwiba phezulu induku yekhilikithi yakhe ka*njena* futhi uthi, "Uyabona le ngaphesheya na?" Kunamadoda amathathu kwibheysi. "Ishwa!" Futhi uyamxosha aze ayothi ngqu ngaphandle kokubonakala; ukhumula isigqoko sakhe futhi uyaziphephetha; uyehla kwibheysi yokuqala futhi uyaqalaza,

bonke labobafo; baya kwibheysi yesibili, baxhawulana nomdlali webhola wesibili okwibheysi; ahambe, ahambe ngokuthula abuyele ekhaya, akhothamise elakhe. . . Ngani, he! He! Ukudazuluka, ukugxuma, ukumpongoloza, ukumemeza, "Ohhule!" Ngani, bayo . . .

98 Ngibabonile empeleni bethatha lezi . . . Niyasikhumbula isigqoko selala esidala somuntu na? Ngaya emdlalweni webheysibholi ngelinye ilanga futhi ngabona umfo eshaya ibhola ibanga elide. Futhi lomfo ehlezi phambi kwami ephethe isigqoko selala, wayejabule ngokweqile; wathatha isigqoko sakhe futhi nje wasidonsela phansi ngqo, nje wazibekela ukhololo ka*njena* lapho ichopho laphuma. Ngani, wayenesikhathi esikhulu! Wa—wayesangene kakhulu wayengazi nokuthi wayenzani. Nje ekhahlela futhi ekhuza ihhule futhi empongoloza futhi egxuma. Awu, manje, niyazi ukuthi ngicabanga ini, impela wayene . . . wayeyi ba- . . . wayeyi . . . wayeyithanda ibheysibholi. Wayeyisishisekeli sebheysibholi, njengesishisekeli sikagwayi noma isishisekeli sewiski.

99 Ngiyisishisekeli sikaJesu. Ya. Ngiyakuthanda nje lokho. Ngi . . . Uma uthola ukuba yisishisekeli sikaJesu, uyabona, isishisekeli sento ethize.

100 Khona-ke ungacabanga nje ukuthi lowomfo ethi, "O, impela, ngiyisishisekeli sebheysibholi." Futhi uhlangothi lwakhe seluthi alwehlulwe, futhi bambona ephakama futhi wawuwina umdlalo kanjalo, waqalaza futhi, "Ya, ngicabanga ukuthi lokho bekukahle." E-hhe. Uthi, yena "uyayithanda ibheysibholi."

"O, uyinto ethile!"

101 Ubuyothi, "Kungani, awuyithandi, uyayithanda na? Kukhona okungalungile ngawe!" Sonke isishisekeli sebheysibholi besiyothi, "Yini engalungile ngalowomfo? Kukhona okungalungile ngaye. Mbukeni ehlezi lapho." Hhe! Kunjalo nje . . .

102 Hlanganisa okubili kokubili manje, niyabo. O, uma uyisishisekeli sikaJesu, futhi uzwa ukuthi uMoya oNgcwele ucwilisa lawoMazwi, khona-ke into ethile imemeza kakhulu! O, uganjwa yimizwa!

103 Ngethemba ukuthi lendoda iyangithethelela, ihlezi eduze lapha. Omkhulu, umfo omude onekhanda elimnyama ohlezi lapha, owayemi phandle lapho ngobunye ubusuku ehholo, futhi omunye umuntu washo okuthile okuthi akube . . . ukusiza, niyazi, okwathi ukumbusisa kanjalo. Futhi umfana ompofu wayebe nesikhathi esibi kabi, ngiyazi unkosikazi wakhe—wakhe wamshiya futhi wammangalela ngesahlukaniso ngoba wayethanda iNkosi uJesu. Kunjalo. Futhi omunye umuntu wathi into ethize ngoJesu, niyazi, wayengolunye uhlobo lwalabo bashisekeli. Futhi wayekade esempini futhi wayedubuleke wonke, nakho konke, umfana wayenjalo; ngamdabukela.

Wafika ekhaya ne. . .abantwana bakhe nonkosikazi. Khonake yena—wethembisa iNkosi ukuthi uzoYikhonza, futhi kwathi nje iNkosi ingaqala ukumbusisa futhi wahamba kahle noNkulunkulu, umkakhe wavele waphenduka nje, wammangalela ngesahlukaniso futhi wamshiya. Wamshiya ehlezi phandle emakhazeni. Kodwa wayesalokhu eyisishisekeli.

104 Futhi ngenkathi wayemile lapho ngobunye ubusuku omunye umuntu washo into ethile ngoJesu, into ethile, ukuthi Wayemkhulu kanjani, kanjalo, wathi, "O, uDumo!" Wakhipha izingalo zakhe futhi lapha isibhakela sakhe sasinamathele odongeni kanjalo. Wayengazi ukuthi wayekwenze kanjani. Wayenesibhakela sakhe sinamathele odongeni. Wathi, "Mfowethu Bill, ngizokukhokhela lokho." Ngicabanga ukuthi uMfowethu Wood uyehla futhi ubeka ucezu, ubeka olunye ucezu. Asibanga nandaba ngalokho, Mfowethu Ben, nje si—siyajabula nje wawuyisishisekeli. Niyabo?

105 Uma uMoya oNgcwele enza okuthile kuwe, angeke nje uhlale uthule, kukhona into ethize ephuphumayo. Amen. Whewu! Ya, into ethile iyabamba, isishisekeli sikaKristu. Uma uyithanda iNkosi, into ethile nje kuwe ifinyelela ngaphandle, ukuhlwitha, ukulamba nokoma, uJesu wathi, "Babusisiwe labo, ngoba bayakusuthiswa. Babusisiwe labo ngisho abomile, noma ngabe unaKho noma qhabo." Bangaki abafuna okuningi kukaNkulunkulu na? Kulungile. Awu, isizathu sokuthi ufuna okuningi kukaNkulunkulu, ubusisiwe nje ngokuba yilokho. Uma ungenaKho, usalokhu ubusisiwe. "Futhi babusisiwe labo abalambayo futhi bome." Ubusisiwe nje ngokulamba nokoma. Ngoba uyaKufuna, ubusisiwe. Isizathu kukhona abaningi abantu abangaKufuni.

106 Niyayikhumbula intshumayelo yami ngobunye ubusuku na? Niyabo, njengesithutha, sasigcina ibhokisi futhi silahle isipho. Niyabo? Ungathathi ibhokisi, thatha iSipho. Kulungile.

> Manje, *masinyane. . .kumoya: futhi, bheka, isihlalo sobukhosi. . .simi ezulwini, nohlezi phezu kwesihlalo sobukhosi.*

107 Manje, qaphelani, kamuvanyana, noma, sikutholile izolo ebusuku, ngiyakholwa, ukuthi phezu kwalesisiHlalo sobukhosi ukuthi. . .Sithola ukuthi okokuqala kwakungekho lutho esiHlalweni sobukhosi, futhi manje kukhona Othile esiHlalweni sobukhosi ngakho-ke kukhombise ukuthi uJesu wayeze neBandla laKhe phezulu eNkazimulweni futhi wayehleli esiHlalweni saKhe sobukhosi uQobo. "Ehlezi esiHlalweni sobukhosi," lokho kungemuva konyaka weBandla. Manje, manje, sifuna ukungena kulokho emva kwesikhashana.

108 Manje, wena uthi, "Awu, sikuphi isiHlalo saKhe sobukhosi namuhla na?" Manje, Mfowethu Neville, uma ngedlula phezu kwalokho, ngibuze emva kwesikhashana, "Sikuphi isihlalo

saKhe sobukhosi namuhla." Ngicabanga ukuthi ngizongena kukho ezansi kude kangako. "Sikuphi isihlalo saKhe sobukhosi manje uma Engekho esiHlalweni saKhe sobukhosi manje na?"

Akekho esiHlalweni saKhe sobukhosi manje. Qhabo, mnumzane.

109 Kulungile, manje:

*Nohlezi wayefana netshe . . . lejaspi . . . nesardiyu: nothingo lwenkosikazi luzungeze isihlalo sobukhosi,* kokufanayo . . . *lufana nesimaragidu ukubukeka kwalo.*

110 Manje, asithathe ivesi 3, ukuqala. Futhi ngakho-ke "ijaspi," Lona ohlezi esiHlalweni sobukhosi wayefana . . . Ngamanye amazwi, lapho uMbuka, Wayesebukhazikhazini obunjalo, ubuhle obunjalo! O, ngifuna ukuMbona. Anifuni na?

111 Ngeliny'ilanga . . . Ngikhumbula uDadewethu Cadle, uDadewethu Howard Cadle, ngicabanga ukuthi abaningi benu bayamkhumbula. Ngangingaphesheya komgwaqo lapho, futhi umkami ehleli lapho manje ekhumbula ukuthi wayegodola, egumbini. Futhi ngangivukile, futhi nganginokuncane, okudala . . . kwakuyisitofu esejwayelekile imanki stofu phandle lapho ne . . . sasibhaka isinkwa sethu phezulu kuhhavini, epayipini. Futhi ngi . . . kwakubanda ngempela futhi umoya wawuvunguza, esikhathini sasebusika, iqhwa emhlabathini, nomoya phansi kushimula, futhi angikwazanga ukuthola leyonto ukuba ishe, ukusindisa impilo yami. Futhi ngangidabuke kakhulu nje ngakho. Futhi ngafaka okunye, kwakuwucima futhi. UBilly wayegodola futhi owesifazane wayegodola, ngangizama ukubasa umlilo. Futhi khona-ke kwenzeka ngavula umsakazo futhi (imizuzu embalwa ngaphambi, futhi nje ngathola ukufudumala, kuza), futhi uDadewethu Cadle wayecula, "Lapho ngifinyelela kuleloZwe, kulowomucu okude le, ngifuna ukubona uJesu. Anifuni nina na?" O, he!

112 Ngavele ngahlala phansi ngqo maphakathi nephansi futhi ngavele ngahlala lapho futhi ngaqala ukukhala. Niyazi ukuthi angacula kanjani, phansi, okuphuma kulelophimbo elimnandi langempela lakhe. Ngifuna ukumuzwa lapho ngiwela umngcele phezulu ngaleya; wathi, "Ngifuna ukubona uJesu. Anifuni na?"

113 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, yebo, ngifuna ukuMbona ngeliny'ilanga. Lapho izimbali zonke zintanta zedlula, ngifuna ukubona uJesu." Kanjani . . . UkuMbona phezu kwesiHlalo saKhe sobukhosi, ubuhle baKhe, nobukhazikhazi baKhe! Futhi uma ngi . . . O, ngifuna ukuma lapho uJohane ama khona, ngakho-ke ngingama nje futhi ngibuke kuYe.

114 Lapha esikhathini esedlule, ezansi . . . isikhathi sobugqila. Ngisho lokhu ngenxa yabangani bami abangamakhaladi olapha kulokhukusa. Kwakukhona endala, indoda eyikhaladi futhi yayi . . . yayihamba iwelela endaweni encane, ababeyejwayele.

115 Futhi babevamise ukwenza lokhu ezansi eKentucky, babe nokucula. Mhlawumbe uMama Cox nabo bangakhumbula ngenkathi babevamise ukuhamba futhi babe nokucula, niyazi, baphume baye ezindlini futhi babedlala i-ogani, abafo abancane nabobonke bacule. Babevamise ukukwenza phezulu lapha e-Utica, nangokuzungenza izindawo zasemakhaya. Manje banekhothi ye-wiski, phandle ndawo ndawo ephathini yomculo wokuzibinya.

116 Kodwa, ngaleyonkathi, babecula amahubo. Okunye ukucula kwalamahubo amadala, kwakukhona omdala, umfowethu oyikhaladi wathola ukusindiswa. Futhi iNkosi yambiza ukuba ashumayele, futhi ngosuku olulandelayo wayehamba ejikeleza etshela izigqila endaweni yokutshala izihlahla. Wathi, "INkosi ingisindisile izolo ebusuku futhi ingibizile ukuba ngishumayele kubazalwane bakithi."

117 Futhi ekugcineni kwabuyela kumnikazi weplazi elikhulu noma umnikazi wendawo yokutshala izihlahla. Wambizela ngaphakathi, wathi, "Sambo, ngifuna wena, ngena lapha." Wathi, "Yenyukela ehhovisi lami."

Wathi, "Yebo, mnumzane," wakhuphukela ehhovisi.

118 Wathi, "Yini lena engiyizwayo oyisakaza phakathi kwezigqila, phakathi kwalabo bafo laphaya, izandla zami, izigqila zami, ukuthi iNkosi ikukhululile na?"

119 Wathi, "Yebo, mnumzane." Wathi, "Basi, ngiyisigqila sakho." Wathi, "Ngathengwa ngemali yakho, kodwa . . . " Wathi, "Kodwa indlela leyo uNkulunkulu angikhulule ngayo izolo ebusuku, uJesu ungikhululile empilweni yesono nehlazo, nempilo yokufa. Ungikhululile."

Wathi, "Sambo, ngabe usho lokho ngempela na?"

Wathi, "Ngisho khona."

120 Wathi, "Ngibezwile bethi ubusuzoqala ukushumayela khona ngapha kubantu bakini—bakini ezindaweni zokutshala izihlahla nento."

121 Wathi, "Ya, mnumzane!" Wathi, "Yilokho engizokwenza, ukushumayela leliVangeli kubantu bakithi."

Wathi, "Ukusho ngempela, Sambo na?"

Wathi, "Ngikusho ngempela."

122 Wathi, "Woza, wehlele nami e—enkantolo, ngizokunikeza futhi nami inkululeko yakho. Ukhululekile kimi, futhi ukhululekile kunoma yibuphi obunye ubugqili. Ngakuthenga, ungowami, futhi ngiyakukhulula ukuze uzoshumayela iVangeli kubantu bakini." Wehla futhi wasayina ukukhululwa, noma isimemezelo, futhi wakhululwa. Wayengeke esaphinde athengiswe njengesigqila. Wayeyindoda ekhululekile ukushumayela iVangeli.

123 Washumayela phakathi kwabazalwane bakhe iminyaka. Abaningi abelungu waphenduka ngaphansi kwenkonzo yakhe. Ngelinye ilanga umfo omdala wehlela phansi ukuzofa. Wayeshumayele iminyaka engamashumi amathathu noma engamashumi amane, noma ngaphezulu. Futhi ngenkathi ehla ukuzofa, wayelele egumbini, futhi abaningi babazalwane bakhe abangabelungu babebuthene nxazonke egumbini futhi bacabanga wayesehambile cishe amahora amabili noma amathathu. Khona-ke lapho ekugcineni wavuka futhi waqalaza egumbini, wathi . . .

"Ubukuphi, Sambo na?"

Wathi, "O, yimina sengibuyile lapha futhi na? Yimina sengibuyile futhi na?"

Bathi, "Yini indaba, Sambo na?"

Wathi, "O, ngiwele ngapheseya ngangena kwelinye iZwe."

Bathi, "Sitshele ngalo."

124 Wathi, "Awu, ngivele nje ngangena, eBukhoneni baKhe." Futhi wathi, "Ngenkathi ngimile lapho," wathi, "bekukhona iNgelosi ekhuphukile, yathi, 'Ngabe igama lakho, unguSambo *S'bani-bani na?*'"

Wathi, "Ya, mnumzane, kunjalo."

Wathi, "Ngena."

"Ngangena ngaphakathi, ngase ngiMbuka ehleli lapho."

125 Yathi, "Sambo, woza lapha manje, emva kokuba usuMbonile, phumela lapha, sifuna ukukunika ingubo yakho ende, sifuna ukukunika ihabhu lakho, sifuna ukukunika umqhele wakho."

USambo wathi, "Ningakhulumi kimi ngamahabhu, imiqhele, nezingubo ezinde."

Yathi, "Kodwa uzuze umvuzo, sifuna ukukunikeza umvuzo wakho."

126 Wathi, "Ningakhulumi ku . . . ngami . . . ngemivuzo." Wathi, "Mangime nje futhi ngibuke Yena iminyaka eyinkulungwane. Lokho kuzoba ngumvuzo wami."

127 Ngicabanga ukuthi cishe kungaleyondlela sonke ebesingezwa ngayo, "Mangime nje futhi ngiMbuke." O, ngiyofanele ngibe nomzimba ohlukile kunalona enginawo manje, yonke imithambo yobuwena ukubuka Yena nje.

128 Lapho uJohane wama futhi waMbona ehlezi esiHlalweni sobukhosi, futhi Yena "wayebukeka njengetshe lejaspi nesardiyu." Manje, zonke izinto futhi lonke izwi linencazelo eBhayibhelini. Manje, "itshe lejaspi nesardiyu."

129 Manje, uma uzoqaphela, kuqhathaniseka nawo wonke umBhalo. Ezingxenyeni ezingemuva zomBhalo, Wayengu-

Alfa, u-Omega, WayeyisiQalo nesiPhetho, WayengukuQala nokuGcina, WayenguBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele. Waye "yikho konke kukho konke" kwakumbandelene kuYe. UMathewu 17 ukhombisa ukuthi Yena . . . phezulu eNtabeni yokuGuqulwa isimo, konke kwahlanganiswa kuYe.

130 Manje, "ijaspi" lali—laliyitshe, futhi "isardiyu" laliyitshe. (Manje, sizofika emibaleni yayo emva kwesikhashana.) Manje, ngifuna nina niqaphele ukuthi ngamunye wawokhokho lapho bezalwa, ya, wonke umuntu, unetshe lokuzalwa. Elami, ngazalwa ngo-Ephreli, idayimane. Futhi izinyanga ezahlukahlukene zimelele amatshe ahlukene. Awu, okhokho babefana. Ngasosonke isikhathi ukhokho, ngenkathi wayezalwa, yena wa- . . . wayenetshe lokuzalwa.

131 Futhi nje ukuma khona lapha umzuzwana nje. Lapho labomama bamaHeberu . . . Ake nginikhombise iZwi elinobuNkulunkulu, mngani, ukuze ukukholwa kwakho kuzokwakhiwa kuqinisekiswe eZwini likaNkulunkulu. Ngaso sonke isikhathi, labomama bamaHeberu, ngenkathi babesezinhlungwini, benikeza izinhlungu zokuzala, ukuzala . . . bezala lababantwana, wona kanye amagama ayewaphumisela ekuzaleni kwakhe ayenika indoda (ingane eyazalwa nguye) igama lakhe, nangokwendawo wayembeka ePalestina lapho ayezoba khona ekufikeni kweNkosi. Izinhlungu zokuzala kulomama! Njengokuthi, *Efrayimi* kusho ukuthi "ngasolwandle." Niyabo? Futhi u-Efrayimi wanikwa isabelo sakhe ngaselwandle. Futhi, uthi, *Juda* kwakusho . . . Angazi ukuthi igama lisho ukuthini, kodwa ngingawakhetha. Manje, niyabo, yilapho engingenaso isikhathi, lezizinto ezimfishane, ukucosha lezozinto. Kodwa khona-ke kubuyela emuva, futhi *uJuda*, nomaphi uJuda kuchaza, kwakusho ukutthi indawo yakhe ibekwe phakathi kwabantwana bakwa-Israyeli.

132 Futhi thatha uGenesise 48 no 49, futhi uzothola phandle lapho ukuthi uJakobe, ngenkathi efa, encike endukwini yakhe yokudondolozela, ephuphuthekile, watshela labobantwana ngokwezindawo lapho babeyoba khona ekupheleni kwezwe. Futhi ngokwezindawo babekiwe khona lapho manje selokhu babuyela ezweni lakubo lendabuko. Watshela uJosefa, "Wena ungumvini othelayo ngasodongeni," uyabo, "ngasemthonjeni," amanzi. Wahamba wawela. Wathi, "Wethembele eNkosini uNkulunkulu. Wenze umsalo wakho—wakho waqina" (I-United States. Niyabo?) "eNkosini, kodwa ngolunye usuku lowomvini wawubuyela emuva phezu kodonga." Futhi nanti, khona lapho manje. Khona impela akusho nje cishe eminyakeni eyizinkulungwane ezintathu edlule, kubuyela emuva ngqo. Utshele u-Efrayimi ukuthi wayecwilise izinyawo zakhe emafutheni, futhi u-Efrayimi wahlala lapho lapho imithombo emikhulu ka-oyela ikhona. Khona impela nje.

133 Ukuphumisela kwalabobantu, kwakukhonani kulabo abasazokufa na? UNkulunkulu ethatha imithambo yabo futhi ehamba kuyo!

134 Kwakubukeka sengathi lapho uMbuso wamaRoma wawubahlakazile, lapho abanye bebahlakazile, ngenkathi babezondwe nguHitler, amashumi ezinkulungwane ephindwe kazinkulungwane, wajovela amagwebu emithanjeni yabo futhi bafa, ungayibona imizimba yabo ilenga ezintangweni nezingane zabo nakho konke okunye, namathambo…bathatha futhi benza isivundisi ngethambo labo. Bavele nje babakhipha phandle lapho futhi babanika umjovo, babafaka enqoleni, babafaka enqoleni. Bese-ke beyaphuma, isikhathi abaphuma ngaso, ngisho ekuqaleni, babecula, "UMesiya uzofika futhi sizophinda siphuze igazi lomvini." Ngenkathi behlela phansi, befa, lawomaJuda, ehamba ephumela lapho ngqo, bazi ukushaya okuncane okuningana nenhliziyo yabo izobe ingasekho. Futhi bahamba behlela ezansi, becula, "Sizobona uMesiya masinyane." O, he! Benza isivundisi ngamathambo abo.

135 Iningi lenu masosha phakathi lapha niyakwazi lokho futhi nikubonile. Ngama emihlabathini lapho babashisa khona nakho konke okunye, lapho, uHitler kanye nabo. Futhi ngibuke phezulu kuStalin neRashiya nabo bonke, benze into efanayo. Kunjalo. Kodwa lowomJuda, kwakuyini indaba na? Waphoqwa wabuyiselwa ezweni lakubo lendabuko. Yilapho abemi khona.

136 Manje, nginaleyofilimu enhle, *Three Minutes Before Midnight*. Ngenkathi lawomaJuda engena, babewabuza, bathi, "Nibuyelani, ukuba nife ezweni lendabuko na?"

137 Athi, "Sizele ukuzobona uMesiya." Amen. Mm! Sisesikhathini sokuphela.

138 Ngamunye walabobantwana ngenkathi babezalwa, babenetshe lokuzalwa. Futhi lapho u-Aroni, umpristi omkhulu ngaphezu kwalowo nalowo walabobantwana, wayenesivikelo sesifuba kuye, ingubo yakhe. Yilokho engifuna ukubambelela kukho isikhashana, ukungena kulelivesi le 6, ngoba lokho kungenisa lonke uphawu lweTestamente eLidala phakathi lapho ngqo. Yonke…yonke ifenisha nayo yonke into eTestamenteni eLidala yayingumfanekiso walokho okwabonwa eZulwini, ufanekiswe wabuyiselwa esidalweni esingumuntu.

139 Futhi nasi isivikelo sesifuba sika-Aroni, wayengumpristi ophakeme. Qaphelani, itshe lokuzalwa lesizwe ngasinye lalimelwe lapho. Oyedwa, itshe lokuzalwa, wabeka itshe lakhe phakathi lapho; isizwe sakwa-Efrayimi, isizwe sakwaManase, isizwe sakwaGadi, isizwe sakwaBenjamini, zonke sasimelwe phakathi lapha. Futhi kukanjalo…Khona-ke bathatha lawomatshe okuzalwa, lawomatshe amahle ayigugu, futhi bawalengise esigxotsheni kanjena. Futhi uma umprofethi eprofethile, futhi uma kuzwakala kulungile noma kungalungile,

babemthatha bemehlisele kule-Urimi Thumimi futhi bamdedele asho isiprofetho sakhe; uma kukhona ukuKhanya okungcwele okuvelayo lapho futhi kuqala ukubaneka lamatshe ndawonye, kwakunguNkulunkulu ephendula. Kwakungokwesizwe sonke, bonke, sonke isizwe ngasinye.

140 Manje, kulawa, itshe lokuqala. Elokuqala, bangaki owaziyo ukuthi umntwana wokuqala wayengubani na? Wayengubani igama lakhe na? URubeni. Kulungile. Wayengubani owokugcina na? UBenjamini. Kunjalo. Itshe lokuzalwa likaRubeni kwakuyi "jaspi," itshe lokuzalwa likaBenjamini kwakuyi "sardiyu." Wayebukeka njengo "Rubeni noBenjamini," owokuQala nowokuGcina, OwayeKhona, OKhona, NoZakuza, Wayengu-Alfa (A) ohlamvini lwesiGreki, u-Omega (Z) ohlamvini lwesiGreki. WayengowokuQala, owokuGcina, Wayengosuka kuBenjamini kuya kuRubeni, kusukela kuRubeni kuya kuBenjamini. O, he! Wayelapho, "Ubukeka njengetshe lesardiyu nanjengetshe lejaspi." Wayehlezi kulesisiHlalo sobukhosi!

141 Beningathanda kanjani nonke ukumbona ehlezi phezu kweNkazimulo yaKhe na? Asiphenye ngale eSambulweni 21:10, masinyane, futhi nje siMbuke lapha. Kulungile, 21:10 kuya ku-11.

> *Yamuka nami ngikumoya yaya entabeni enkulu nephakemeyo, yangikhombisa umuzi omkhulu, iJerusalema elingcwele, wehla ezulwini kuNkulunkulu,*
>
> *Unenkazimulo kaNkulunkulu: . . . Unenkazimulo kaNkulunkulu: futhi* izinkanyiso *kwawo kwakunjengetshe elinenani elikhulu sengathi . . . ijaspi . . ., njenge licwebezelayo;*

142 "UkuKhanya kwalo." UkuKhanya! Ngubani ukuKhanya na? "Futhi uMuzi wawungadingi ilanga, ngoba iWundlu ngakho-ke lingukuKhanya."

143 Intshe ke "Jaspi, isardiyu." INkazimulo kaNkulunkulu nguJesu Kristu, iNkazimulo kaJesu Kristu yiBandla laKhe. Futhi WayengowokuQala. Wayengubani na? WayengukuQala kwesikhathi, UngukuPhela kwesikhathi. WayengowokuQala wokhokho, UngowokuGcina wokhokho. WayeyiBandla elalise . . . Wayengu—nguMoya owawuseBandleni lase-Efesu, UnguMoya weBandla eLawodikeya. UngowokuQala nowokuGcina, u-A kuya ku-Z, owokuQala, owokuGcina, Lowo OwayeKhona NoZayo, iMpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, uMnduze wesiGodi, iNtebe yaseSharoni! O, kuneziqu ezingamakhulu amane nento eBhayibhelini okuphathelene naYe. Cabanga nje ngakho, lokho Ayeyikho! Futhi nokho WayeyiNkosi uJesu ethobile eyazalelwa emkhombeni ezindumisweni zikaNkulunkulu.

144 Noma yini ethobekile, ibhekisise ngoba injalo. Noma yini enkulu yiyembe eligxishiwe, ngakho-ke ungalinaki; niyabo, yinqwaba yomoya, futhi akukho lutho kukho. Kulungile.

145 Manje, "Wayebukeka njengetshe lejaspi nesardiyu." Asibuyele emuva. Ngabe ni . . .? Sinesikhathi esincane, asinaso na? Sisenemizuzu engaba ngamashumi amane okwamanje. Ake siqaphele, asiphenye sibuyele emuva kuHezekeli 1. Buyela emuva eBhayibhelini eTestamenteni eLidala, kuHezekeli, futhi asifunde lapha lapho uHezekeli aMbona khona, futhi. Futhi siqhathanise lemiBhalo manje futhi sibone lapho esikhona. UHezekeli isahluko 1, kulungile, manje asifunde umzuzwana. Manje ngizofunda amavesi okuqala amahlanu, futhi khona-ke sizofunda, ngimakile lapha, kusukela e 26 kuye e 28. Kodwa asifunde amavesi okuqala manje esahluko 1 sikaHezekeli, umprofethi. Kulungile:

> Futhi *kwathi ngomnyaka wamashumi amathathu, futhi ngenyanga yesine, ngolwesihlanu lwenyanga, . . . ngangiphakathi kwabathunjwa—phakathi kwabathunjwa ngasemfuleni iKhebari, . . .* (Ngabe kunjalo, iKhebari na? K-h-e-b-a-r-i, iKhebari.) . . . futhi *avuleka amazulu, ngabona* umbono *ngoNkulunkulu.*
>
> Futhi *e* . . . (Manje, bhekisisani.) . . . *Ngolwesihlanu lwenyanga,* okuyinyanga leyo yokuthumba *kukaJehoyakini,*
>
> *Izwi le Nkosi lafika kuHezekeli umpristi, indodana kaBuzi, ezweni la . . . maKaledi ngasemfuleni* ka *Khebari; isandla seNkosi sa . . . siphezu kwakhe lapho.*
>
> *Ngabona, bheka, kwavela umoya wesivunguvungu enyakatho, . . .*

146 Bhekisisani lomprofethi lapha, iminyaka engamakhulu amahlanu namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu ngaphambi kokufika kukaKristu, niyabona ukuthi umbono wakhe uqhathaniseka kanjani noJohane:

> . . . *kwavela umoya wesivunguvungu enyakatho, ifu elikhulu,* . . . uphendukela ngaphakathi *kwalo, nokukhanya nxazonke zalo, kuphuma phakathi kwalo kungathi ithusi elikhazimulayo, kuvela emlilweni.*
>
> *Phakathi kwakho kwaphuma umfanekiso wezidalwa ezine. Nesimo sazo sasiyilesi; zafana no . . . muntu.*

147 Qaphelani, umbala woMoya kaNkulunkulu owawungaphezu kokufana kwaleziziDalwa ezine, wasaphuzi. Okuphuzi okuphuzi ngokuluhlaza'tshani. Manje, bhekisisani, "okuphuzi ngokuluhlaza'tshani," *okusaphuzi*, o, Unguyena izolo . . . Wazembula Yena uqobo kuHezekeli; phakathi nombono kaHezekeli, lokhu kuKhanya akubona kuza ngaphezulu

kweziDalwa ezine eziphilayo kwakuphuzi ngokuluhlaza'tshani. Ngenkathi Efika kuJohane, Wabonakala kwi *simaragudi* naso esi "phuzi ngokuluhlaza'tshani." Uyafika manje kumambuli kokuphuzi ngokuluhlaza'tshani. Uza kithi ngokuphuzi okuluhlaza'tshani, ukuKhanya! Hambani ekuKhanyeni, UngukuKhanya.

148 Asiye evesini lama 26 manje, ukuze sizofunda kuze kube elama 28. Ivesi lama 26:

> *Phezu kwe fir-*. . .

O, lapho ufika ekhaya, ngifuna ukumake lokho bese ufunda konke okunci kwakho. Ukonga isikhathi:

> *Phezu komkhathi owawuphezu kwamakhanda azo kwakunjengokungathi* itshe*, isimo saso sinjengetshe le*sardiyu*: phezu kokwakunjengesihlalo sobukhosi kwakukhona okufana nomuntu phezu*. . .*kwaso*.

149 Leyo kwakuyiNdodana yomuntu, niyabo, uKristu. Manje bhekisisani ukuthi Wayekanjani, ukuthi Wayembethe lapha:

> *Ngase ngibona* okunjengemibala *yethusi,* (bhekisisani, okuzungeze leNdodana yomuntu) *kufana nomlilo* okuzungezile *kwakho nxazonke—phakathi kwakho nxazonke, kusukela kokungathi ukhalo lwakhe*. . .

150 Lalelani! Yibani ngabakamoya, qondani, futhi ezinhliziyweni zenu uqobo lapha. Ngiyanifungisa eGameni likaJesu, kugcineni lokhu kini! Kodwa nje khumbulani ukuthi kubusiswe kanjani!

151 "Ngi s-. . ." Asiqale futhi evesini lama 27. Lalelani, nonke! Yibani ngabaqondayo ngempela manje!

> *Ngase ngibona okunjengethusi elikhazimulayo* (lokho ngokuphuzi ngokuluhlaza'tshani), *kufana nomlilo* okuzungezile *phakathi*. . .*kwakho*, (Umlilo uzungeze okuluhlaza'tshani. Manje:) *kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya phezulu*, (Ukusuka okhalweni kuya phezulu.) *kusukela kokungathi ukhalo lwakhe*. . . *phansi, ngabona okufana nomlilo, kwakubengezela* yonke indawo *phakathi*. (Umlilo yonke indawo.)
>
> *Njengothingo olusemafwini* futhi *u*mbala ezinsukwini *ezinemvula, kwabonakala kanjalo ukubengezela* ngokukuzungeza. *Lokhu kwakunjengesimo* ne*nkazimulo yeN*KOSI. *Lapho ngiyibona, ngawa ngobuso bami, ngezwa izwi lokhulumayo*.

152 Bhekisisani! Senilungele na? Lalelani! Gcina lokhu manje, khumbulani nje, ukunazisa. (Gene, ungayibamba leteyipu.) Lalelani! (Qhabo, angifanele ngiyibambe lapho, kulungile. Ngiqonde nje ukuthi igcine iteyipu; vumela lokhu eBandleni.) Qaphelani lokhu! Manje, ukuze nizokwazi ukuthi umbala wokuKhanya okwakuseNkosini, nokuKhanya kweNkosi

okulandela iNkosi, futhi kunjengoba iNkosi, ngokusaphuzi, okuphuzi ngokuluhlaza'tshani. Lowo ngumbala ofanayo wokuKhanya onathi namuhla, njengoba ososayensi bethathe isithombe saKho, okuphuzi ngokuluhlaza'tshani, okusaphuzi.

153 Ngenkathi umfana omncane, futhi ngiKubonile okokuqala ngqa, niyakhumbula, izingwazi ezindala lapha. Ngangihlala nginitshela ngaphambi kokuba isithombe sangempela sithathwe, "Sasiphuzi ngokuluhlaza'tshani, okungokusaphuzi." Manje, ukunazisa ukuthi uMoya weNkosi . . .

154 Wathi, lapho ekubonile kusukela okhalweni lwesiDalwa esiphilayo esasimi ebukhoneni bakhe, "Kusukela okhalweni lwakhe kuyephezulu kwakunjengomlilo, ukuKhanya kusukela okhalweni lwakhe kuya phansi, kwakumbozwe ukuKhanya. Futhi nxazonke kwakuyimibala eminingi efana nothingo lwenkosazana." Ngabe kunjalo na?

155 Ngifuna nikhumbule, uNkulunkulu usalokhu ekhona emibaleni efanayo, "kusukela okhalweni kuye phezulu, umlilo, umbala osaphuzi," owashuthwa ngekhamera yebhayisikobho noma ikhamera enombala, "osaphuzi kusukela okhalweni kuye phezulu, kusukela okhalweni kwehle, nanxazonke, imibala eminingi njengoba kunjalo othingweni lwenkosazana esibhakabhakeni emuva kwemvula." UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade! UMoya oNgcwele usalokhu usemandleni aKhe, useseBandleni laKhe kulezizinsuku zokugcina. Nakho lapho okhona. Hhayi mina, ngangimi lapho nje, kodwa kwakuyisithombe esathathwayo. Ngifuna nina nibuke kulokho, khona kanye uHezekeli akubona. Imibala efanayo, indlela efanayo, futhi wenza ngendlela efanayo, futhi wacwebezela ngendlela efanayo, yeziDalwa eziphilayo. Kuyini na? IziDalwa eziphilayo zimelele iBandla eliphilayo, iBandla eliphila ngamandla nangokuvuka kukaKristu. Leyomibala esaphuzi efanayo ikumboze kusukela okhalweni kuye phezulu, kusukela okhalweni kuye phansi.

156 Akusekho ukuqagela, isayensi isithathe izithombe! Buka emibaleni yabo, buka nje emibaleni yomlilo lapho. Niyabo? Uthingo lwenkosazana. Bukani kulombala ophuzi ngokuluhlaza. Manje, *kule*khamera, kwakuyikhamera nje eqondile yomuntu othatha izithombe. Ku*le*khamera kwakungumbala, izithombe ezinemibala, umbala iKodachrome. Buka imibala eluhlaza phakathi lapho. Uma ngingayithola ngaphezu kokukhanya ndawo ndawo lapho ungayibona khona ngemuva. Ungabona manje na? "Njengasothingweni lwenkosazana," buka imishwe ibuya emuva naphambili njengothingo lwenkosazana, yonke inombala ohlukile. Sizongena kulokho emizuzwini embalwa, iyini leyomibala futhi ibonisani na?

157 O! Lokho kwenza inhliziyo yami ezihluphekelayo igxume ngenjabulo. Futhi ukwazi ukuthi kulolusuku esiphila kulo, ukuthi uKristu . . . lapho yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo, wonke omunye umhlabathi. Ngiyacabanga, "Kungani ngingakusho lokho na? Kungani ngingekwenze izwe liKubone na?" Izwe alenzelwanga ukuba liKubone. Izwe angeke liKubone, abasoze baKubone! Kodwa iBandla lemukela ukuzamazama okukhulu kunakho konke eLake laba nakho!

158 Ngalezozinsuku babengeke basithathe isithombe saKho. Bangakwenza manje ngoba banemishini eqanjiwe. Labo abazama ukuthatha imishini ephathelene nemishini ukuphika uNkulunkulu, kuyabuya ngqo kuzungeze futhi kufakazele ukuthi ukhona uNkulunkulu. Kunjalo, "Marigudi." Manje, nina khumbulani, angizange ngikufakele lokho, nginifundela khona eBhayibhelini. Bhekisisani njengoba ngifunda, futhi nibuke, futhi bhekani lokho YiNkosi uNkulunkulu efanayo, akukho mehluko. Bhekisisani ivesi lama 27:

> *Ngase ngibona . . . ithusi elikhazimulayo, kufana nomlilo . . .*

159 Niyabo, njengokukhotha kwamalangabi. Niyabo? Imibala yokusathusi elikhazimulayo kusuka emlilweni. Niyakubona manje na? Okuphuzi, *lokhu* imibala yokusathusi elikhazimulayo lisuka emlilweni. Phansi lapha kuthi:

> Futhi *ukubonakala* ngokufana *nothingo,* noma uthingo lwenkosazana, ezinsukwini emva *kwemvula,* . . . uthingo lwenkosazana, *ezi*nsukwini emva *kwemvula,* . . .

160 Futhi kwakukhona i—i "siDalwa esiphilayo." Lokho uJohane ayekumele, iBandla lonke, lahlwithwa. Nganitshela. Umuntu oyedwa lapha embonweni angamela uMzimba kaKristu wonke, umboziwe! Manje, bhekisisani:

> *Ngase ngibona . . . okusathusi elikhazimulayo, kufana nomlilo . . . phakathi kukho,* futhi *ukubukeka . . . kusukela kokungathi ukhalo lwakhe kuya phezulu, kusuka kokungathi ukhalo lwakhe kuya phansi, ngabona okufana nomlilo, . . .*

161 Bhekisisani, bukani umlilo ufafazwa. Uphuma kuphi na? Uthingo lwenkosazana, imibala eyisikhombisa. Manje, bhekisisani, kunemibala eyisikhombisa ngqo *lapho*, futhi uthingo lwenkosazana lunemibala eyisikhombisa.

> *. . . ngabona okufana nomlilo, kwabengezela* ngokuzungeza *kwawo*.
>
> *Njengothingo* olusemafini *ngosuku lwemvula, kwabonakala ukubengezela* ngokuzungeza. (Nxazonke ngasesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, niyabo.) *Lokhu kwakunjengesimo senkazimulo yeNkosi.*

162 Hhayi i*Nkosi*, manje, *inkazimulo* yeNkosi. Inkazimulo yeNkosi imboza ngaphezulu iBandla laYo ngoba IseBandleni laYo! Amen! O, kuzwakala kungubuwula kwabangahlakaniphile, kodwa Kukhulu kanjani kulabo abakholwayo. E-hhe.

> . . .*Lokhu kwakunjengesimo nenkazimulo yeNKOSI. Lapho ngiyibona, ngawa ngobuso, ngezwa izwi* likhuluma . . .

163 Manje uyaqhubeka futhi uyasho ukuthi umbono wawusho ukuthini, esingenaso isikhathi sokungena kukho kulokhukusa.

164 Manje, qaphelani ukuthi ikanjani iNkosi emseni waYo omkhulu isinika lezizinto.

165 Manje asithathe omunye. Bobabili uHezekeli noJohane baMbona emfihlakalweni yemibala yaKhe nokuKhanya, futhi baKubiza ngokuthi i "thusi elikhazimulayo." UJohane kamuva . . . Nina enibeka . . . ubhala phansi imiBhalo, uJohane wokuQala 1:5 kuya ku 7. UJohane, kamuva (futhi wayesesiqhingini sasePatmose cishe iminyaka emithathu ngenkathi eloba iNcwadi), lapho ebuya, ikhehla liseminyakeni yalo engamashumi ayisishiyagalolunye, kuJohane wokuQala 1:5 nele 7, wathi, "UNkulunkulu ungukuKhanya." UJohane wayenesipiliyoni, wayekade eMbonile futhi wayazi ukuthi WayengukuKhanya, ukuKhanya, ukuKhanya okuPhakade; hhayi ukukhanya komhlaba nezulu, hhayi ngokukhanya kwelambu, ukukhanya kukagesi, ukukhanya kwelanga, kodwa ukuKhanya okuPhakade! O, ngiMthanda kanjani. "UNkulunkulu ungukuKhanya."

166 Qaphelani, sizoqala emuva manje futhi sibone ukuthi sikuphi. Evesini lesi 3 okwamanje, asinjalo na? Ngabe sizoLithola na? Ngiyethemba. Kulungile:

> . . .*yena* . . .*wayefana netshe lejaspi ne*sardiyu*: futhi kwakukhona uthingo lwenkosikazi* . . .*cishe isihlalo sobukhosi, lifana nesimaragidu ukubukeka kwalo*. (Ophuzi ngokuluhlaza'tshani.)

167 Manje, "uthingo lwenkosazana," niyaqaphela ukuthi kwakuwuthingo lwenkosazana. Asibuyele emuva kuGenesise 9 futhi sithole, kuGenesise 9:13. Futhi sizothola emuva lapha "uthingo lwenkosazana," ngenkathi uthingo lwenkosazana luqala ukubonakala. UGenesise isahluko 9, futhi sizoqala evesini le 13, uGenesise 9:13. Nonke niyakuthanda Lokhu na? O, ngiyaKuthanda! AngiKuthandi nje, ngiyaKuthanda! Bukani:

> *Ngizakumisa uthingo emafwini, lube uphawu* (Bhekisisani!), *luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nomhlaba*.

168 Ini na? "Phakathi kwaMi noNowa"? Qhabo. "Phakathi kwaMi nomhlaba."

*Kuyakuthi lapho ngiqoqa amafu phezu komhlaba, uthingo lubonakale emafwini:*

*Khona ngiyakukhumbula isivumelwano sami, esi—* esiphakathi *kwakho nami*. . .

169 Manje Ubuyela esivumelwaneni saKhe phakathi kwabo, kepha isivumelwano sothingo lwenkosazana. . . Niyabo, isivumelwano kwakungukuphila kukaNowa, ukuthi Wamsindisa, kepha isivumelwano uNkulunkulu asenza Yena uqobo kwakuwuthingo lwenkosazana, ukuthi Wayengeke. . . Manje, ngizonikhombisa ukuthi sasiyini isivumelwano sikaNowa noNkulunkulu, ngomzuzu. Kepha lokhu lapha kwakuyisivumelwano sikaNkulunkulu qobo lwaKhe naYe uqobo, amen, uthingo lwenkosazana.

170 Manje, siyathola ukuthi *isivumelwano* khona-ke siwu "phawu," uphawu. UNkulunkulu wathi kwakuwu "phawu" lapha, Akashongo na? Niyabo?

*Ngi*. . .*kumisa*. . .*ngizakumisa* emafwini, (Lokho kungemva kokubhujiswa kwezwe, libhujiswa ngamanzi; yonke inyama, ngaphandle kukaNowa—uNowa, yabhujiswa.) *lube-uphawu lwesivumelwano phakathi kwami nomhlaba*.

171 Hhayi "Mina nezwe." I*zwe* yi "simo sezwe." Niyabo? Kodwa lokhu "kuphakathi kwami nomhlaba." UNkulunkulu wathi, "Ngenza lowo mhlaba. Futhi Ngiwuncenge kabi kakhulu, ukuthi nje Ngiwugumbuqelile futhi ngawushushuluza waba yizingcezu. Futhi—futhi beNgi—Ngi—Ngi—Ngi—Ngingafanele ngikwenze, mhlawumbe." Wathi, "Ngi—beNgizisola ngisho, kwaba yinto embi kabi."

172 Nicabanga ukuthi kuzoba yini lapho Efika ngolaka lwaKhe manje na? Yiba kahle, mngani oyisoni.

> O, uqaphele futhi ulinde lokho kubona ukuba kubhekwe,
> Uyeza futhi. (Uyakukholwa lokho na?)
> Uyeza futhi. (Ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na?)
>
> O, ubungabalwa njengomunye wesitha saKhe na? (Bengingeke ngifune ukuba yilokho. Ubungathanda na? Qhabo, mnumzane. Yiba yisitha fut-. . .Noma, ube yisitha saKhe; yiba naYe kuzoba kahle. Kodwa ukumelena naYe. . .)
> Ungabinasisihla ngaphakathi, uqaphele futhi ulinde lokho kubona ukuba kubhekwe,
> Uyeza futhi. (Mm!)

173 Manje, isivumelwano, uphawu lwani na? Uphawu lwani na? Lomhlatshelo owemukelwe. Manje tholani uGenesise 8:20 nele

22. Manje, uGenesise 8:20 nele 22, kulungile, ngaphesheya ngqo kwekhasi yikho.

> *Futhi uNowa* wayakhela *iNkosi i-altare; wathatha . . . zonke izilwane ezihlambulukileyo, futhi . . . zonke izinyoni ezihlambulukileyo, wanikela uminikelo wokushiswa e-altare.*
>
> *Futhi iNkosi yezwa iphunga elimnandi; futhi iNkosi yathi enhliziyweni yayo, Angisayikuphinde ngiqalekise umhlaba* (ngiqalekise umhlaba) *ngenxa yomuntu; ngokuba imicabango* yakhe *mibi kwase busheni bakhe; angisayikuphinda ngibhubhise konke* okuphilayo, *njengalokhu ngenzile.*

174 Futhi manje singalifunda ivesi lokugcina:

> Futhi . . . *Umhlaba usekhona, ukutshala nokuvuna, . . . amakhaza nokufudumala, . . . ihlobo nobusika, . . . imini nobusuku akuyikunqamuka.* (Isivumelwano.)

175 Into efanayo uJohane ayibona: uJesu, isivumelwano sikaNkulunkulu esamukelwe sizungeza emazulwini. Futhi ngokuzungeza ngakuYe kwakuwuthingo lwenkosazana luzungeze ngasesiHlalweni sobukhosi, ekuboneni njengesimaragidu, ukuKhanya okuphuzi ngokuluhlaza'tshani kuzungeze isiHlalo sobukhosi. Makabongwe uNkulunkulu!

176 Bhekisisani! Ukuthulisa kukaNowa kokuqala . . . uthingo lwenkosazana lukaNowa lwahlanganiswa kuqala yimibala eyisikhombisa. Noma ubani uyazi ukuthi uthingo lwenkosazana lunemibala eyisikhombisa. Manje, yini imibala na? Obomvu, osawolintshi . . . onkankane. Qhabo, obomvu—obomvu, owolintshi . . . oluhlaza'tshani, oluhlaza'sibhakabhaka, oluhlaza ngokumnyama, nonkankane. Lowo imibala yothingo lwenkosazana. Manje, sinento ejulile lapha, futhi ngizofanele ngishaye izindawo eziphakeme zakho ngoba sekuba leyithi kakhulu. Manje, khumbulani, owolintshi . . . noma, obomvu, owolintshi, ophuzi, oluhlaza'tshani, oluhlaza'sibhakabhaka, oluhlaza ngokumnyama, nonkankane.

177 Manje, uma niqaphela, isikhombisa. Bhekisisani. Uthingo lwenkosazana oluyisikhombisa . . . imibala eyisikhombisa, ngiqonde, uthingo lwenkosazana olunombala oyisikhombisa. Lokho kwakusho izintingo ezisikhombisa! Izintingo eziyisikhombisa, amabandla ayisikhombisa ebonakalisa izibani eziyisikhombisa, isibani ngasinye sisongelwe kwesinye. Kwaqala ngobomvu, obomvu. Emva kobomvu kuvela osawolintshi, owukubonakalisa obomvu. Emva kosawolintshi kwa . . . emva—emva kosawolintshi kuvela ophuzi, okungobomvu nosawolintshi uxhutshaniswe ndawonye, kwenza ophuzi. Bese-ke kuba oluhlaza'tshani. Oluhlaza'tshani noluhlaza'sibhakabhaka kwenza omnyama. Bese-ke kuvela oluhlaza ngokumnyama. Bese kuthi-ke kusukela koluhlaza ngokumnyama kuvela onkankane,

oyingxenye woluhlaza'sibhakabhaka. Haleluya! Anikuboni na? Nkulunkulu, othingweni olunemibala eyisikhombisa lwaKhe, isivumelwano saKhe Asenza, isivumelwano sokuthi ngemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, imibala eyisikhombisa, Wayezowusindida umhlaba.

178 Yini Azoyenza na? Khumbulani, Wakwenza ngomhlaba, umbala waKhe. Kodwa bhekisisani manje. Loluthingo lwenkosazana kuphela, oluvundlile, lumboza nje (othingweni) ingxenye eyodwa yomhlaba. Lokho yimibala yonke yothingo lwenkosazana lukaNowa, nje. . . lumboze, ingxenye nje yomhlaba. Kwakusekhothameni, yilokho kuphela ongakubona. Kodwa lapho uJohane embona *Yena* embaleni waKhe oluhlaza, Wazungeza sonke isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Ingxenye namanje ayitsheliwe. Wamboza. . . Uvele. . . umhlaba umane wenza ikhothamo, yingxenye nje yawo; leyo yiminyaka yebandla.

179 Kodwa lapho uJohane eMbona kulombala osaphuzi, umbala osaphuzi, Wayezungeziwe futhi wambozwa nxazonke njengendingilizi. Indingilizi! [UMfowethu Branham uyama futhi uqhwabaza entweni ethize ukubonisa ngokufanekisa—Umhl.] Indingilizi yombala ophuzi, Uzungeze ubuyena baKhe! Niyabo? Umbala owodwa, uNkulunkulu oyedwa phezu kwakho konke, kukho konke, nakukho konke, kodwa kunemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa.

180 Bhekisisani idayimane elikhulu. Babevamise ukuwathola. . . ungawathola e-Afrika elele emigwaqeni. Awulokothi ugcine elilodwa, ngoba alisikiwe. Unalo elilodwa elingasikiwe, bazokufaka etilongweni lokulungisa abonileyo ngalo khona manje, futhi bakunikeze isigwebo sikadilika jele ngokuligcina. Uzofanele, uliphendule ngokushesha nje lapho ulithola.

181 Manje, bathatha lelidayimane. . . O, kuyinto enzima. Ngike ngabona isigayo esikhulu esingamathani angamashumi amane simile ka*njena*, bethululela itshe elil'hlaza s'bhakabhaka phakathi lapho, beligaya nxazonke, beliphihliza libe ngelifana nomlotha, kodwa angeke baliphihlize idayimane. Lelo elingamathani angamashumi amane lilenga entweni ephenduphendukayo, phezulu *lapha*, kugingqika kuzungeza ngalawomazinyo esondo amakhulu kanjalo, efihliza nje lelodwala libe yizicucu; kodwa idayimane lizohamba ngqo lidabule kuwo, lizonyakazisa lokho kuphonsa kwamathani angamashumi amane. O! Lapho lifihliza likhipha futhi lifika phansi ledlule isisefo, sisefa phansi ezinye izisefo, kugezeke kwehle futhi ekugcineni kuya ebangeni elide.

182 Imenenja yalezo ziMayini zeDayimane zaseKimberley ezinkulu yayingomunye wabangenisi bami ezansi lapho emgqeni, ozithobile ngempela, umfowethu onomoya omuhle.

183 Futhi khona-ke cishe amafidi amathathu ngaphezu kwalawomanzi, lapho egeleza khona, yiKhozmolini ibekwe lapho. (Niyazi, yini—yini lena eniyibiza ngalento na? I . . . Meda, yini leyo esinayo embizaneni ekhabetheni phakathi lapho na? UVaselina!) Futhi sifaka loyo Vaselina, ujule cishe nge-intshi, phezulu le lapha ohlangothini. Futhi kuyehla, futhi qaphelani, ngaso sonke isikhathi lelodwala liza ngaphezulu, lizogingqika lisuke kulowo Vaselina; kodwa lapho idayimane liza phezu kwawo, lizonamathela. Idayimane lomile futhi lizonamathela kulokho. Ngibabonile belicosha, ngisho nalelo elincanyanyana lalo, belehlukanisa ngezibuko zamehlo. Futhi ngababuza ukuthi babekwenzelani, bathi bayalithengisa eMelika benzele izinalithi zeVictrola nezinto; angeke bakhathakeze, niyabo.

184 Kodwa lawo madayimane amakhulu, manje, nawo laphaya, ibhola elilodwa nje elikhulu. Kodwa ngenkathi . . . Bayalithatha futhi bathathe imishini kagesi futhi balisike, bese benza idayimane elisikiwe. Khona-ke lapho belisika, ukubonakalisa imibala yomlilo evuthayo yesilinganiso sesisindo sedayimane, futhi kuzobonakalisa imibala eyisikhombisa, futhi.

O, kanjani ukuthi uJesu . . .

185 O, ungahle ube nemali eningi, ungase ube noxhaxha lwamaCadillac, ungahle ube umelusi othile wasemakhazeni ezidumbu amakhulukazi noma ihlala-bhishobhi lokuthile, ungahle ube ngumbhishobhi noma umbhishobhi omkhulu, kodwa, o, mfowethu, lapho uthola leloGugu, leloDayimane, indoda ithengisa yonke ingcebo yayo enayo, inikezele ngayo, yonke enye into.

186 Bukani intombi elele. O, yenzani na? Yayizodingeka ithengise okuthile ukuze ithenge amaFutha ayo. Yini eyayidingeka iyithengise na? Izivumokholo zayo ezindala namahlelo nezinto. Yathengisa ngakho konke eyayinakho ukuze ithole u-Kristu, uKristu, leloGugu elikhulu. UJesu, lowo mzimba . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . Nginethikithi lokuya eZulwini lapho isitimela sedlula, ngolunye lwalokhu ukusa okumnyama. O, yeka isibusiso!

> O, kuligugu lokho kugeleza
> Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
> Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
> Lutho kodwa iGazi likaJesu.

187 Akukho kuthandwa ngabantu, akukho zinto ezinkulu, akukho lutho, akukho ngcebo, akukho—akukho lutho, nginikeze nje lokho kuGeleza okuyigugu. Yilokho kuphela!

> Angilethi lutho ezingalweni zami,
> Ngibambelela kalula esiPhambanweni saKho.

188 Lelo Gugu elikhulu! KwaKuyini na? Kwakungeliphelele. Kwakuseminyakeni engamashumi amathathu nantathu nengxenye ubudala ngenkathi uNkulunkulu eKufaka

kulomshini omkhulu wokugadlaza, ngenkathi ELithatha ngaleya futhi uqala ukuLilolonga. WaLisika, WaLifihliza, WaLilimaza.

> *. . .yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu,. . . chotshozwa ngenxa* yobubi bethu: *isijeziso sasiphezu kwayo; nangemivimbo yayo saphiliswa thina.*

189 Wenzani uNkulunkulu kuleyoNdoda ephelele na? Munye kuphela owabo emhlabeni, munye kuphela emhlabeni, futhi lowo kwakunguYe! Futhi uNkulunkulu waMshaya ngeshizolo wamsusa lapha, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu." Ngenxa yokuthi ngangiyisoni, Wadedela lokho Kukhanya kothingo lwenkosazana kwemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa yaKhe ibanike phezu kwami, ukwazi ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zami.

190 Nanto uthingo lwenkosazana lwakho olunemibala eyisikhombisa. "Yalinyazwa ngenxa yobubi bethu, isijeziso sethu sasiphezu kwaYo, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." UNkulunkulu waYisika, futhi waYilimaza, futhi waYifihliza, futhi waYisika, ukuze Izobonakalisa emanxeba aYo okufa, ukuthethelelwa kwesono, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele. ImiMoya eyisikhombisa kaNkulunkulu yizithelo eziyisikhombisa zikaMoya eziyobonakalisa emuva kubantu baKhe. Yalinyazwa, yalolongwa futhi yamunjwa, ukuze ukuKhanya kukaNkulunkulu kukhanye kulowomzimba woMuntu oyedwa kungahle kuhlenge umhlaba wonke; "Ngizophakanyiswa emhlabeni, ngizodonsela bonke abantu kimi." Bhekisisani leyomibala yothingo lwenkosazana lapho ibonakalisa.

191 Kodwa ngenkathi uJohane eMbona lapha, kwakuyini na? Usuku lokuhlenga lwase luphelile. Konke kwase kuphelile, ngakho-ke waMbona ebuyela esimweni saKhe sasekuqaleni, umbala osaphuzi. Hhayi nje kuphela ingxenye yezwe, kuphela kunga. . .ilanga, lingakhanya kuphela engxenyeni yezwe ngankathi, niyabo, lapho lihamba lizungeza. Kodwa lapho uJohane eMbona, Wayehlezi ebukeka njengetshe lejaspi nesardiyu, imibala esaphuzi; xubanisa emibili ndawonye, uthola osaphuzi. "Futhi umbala osaphuzi uzungeze isiHlalo sobukhosi!" O, he! O, ngi—ngiyanitshela, ukuthi nje. . . besingaqhubeka njalo njalo.

192 ImiMoya eyisikhombisa, imibala eyisikhombisa, iminyaka yebandla eyisikhombisa, abefundisi abayisikhombisa, izibani eziyisikhombisa, yonke into ikwisikhombisa. UNkulunkulu uphelele e "sikhombiseni." UNkulunkulu wasebenza izinsuku eziyisithupha; usuku lwesikhombisa, Waphumula. Izwe liyoba khona iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi inkulungwane yesikhombisa iyiminyaka eyiNkulungwane.

193 Qaphelani, *esiyingini esinguhhafu*, “uhhafu namanje awukaziwa.” Manje, impela lezizinto zimelele okuthile.

194 Manje, ku-Eksodusi 23:13 nakumaHeberu 6:12, uNkulunkulu wenza isivumelwano Yena uqobo futhi wazifunga Yena uqobo. KumaHeberu :13 asitshela lokho, noma 9, :13, ukuthi “Wazifunga Yena uqobo.” Wayengekho omkhulu ukuba afunge ngaye ngenkathi Wayetshele u-Abrahama no-Isaka, lapho Wayetshele u-Abrahama ukuthi Wayezokwenza isivumelwano naye, isivumelwano esingunaphakade. UNkulunkulu . . .

195 Isivumelwano senziwa njalo ngesifungo, ngakho-ke akukho muntu . . . Uthatha isifungo ngomunye umuntu omkhulu kunawe; yenza isifungo ngonyoko, thatha isifungo ngesizwe sakini, thatha isifungo ngokuthile, thatha isifungo ngoNkulunkulu. Kodwa angeke uthathe isifungo ngaphandle uma kungomunye umuntu omkhulu kunawe.

196 Futhi kwakungekho muntu omkhulu kunoNkulunkulu, ngakho-ke Wathatha isifungo ngaYe uqobo, ngaYe uqobo. Amen! Efunga ngaYe uqobo ukuthi Wayezoqinisa lesisivumelwano. Amen. O! Whewu! Wafunga ngakho, Wayezo “londoloza iNzalo ka-Abrahama.” Yini iNzalo ka-Abrahama koweZizwe na? Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, iNzalo ka-Abrahama. Wazifunga Yena uqobo, “Ngiyobavusa, bonke, phezulu. Ngizobanikeza ukuPhila okuPhakade futhi ngibabeke emuva lapha emhlabeni.” Lokho esizofanele si hur- . . . ukucabanga ngakho na?

197 Ngakho-ke siMbona esiyingini sothingo lokuluhlaza’tshani, umbala osaphuzi. Lokhu okuluhlaza’tshani, okuluhlaza’tshani kumele ini na? Impilo. Okuluhlaza’tshani okuhlala kuluhlaza njalo, kuhlala njalo kuluhlaza, ngukuphila. Kusho ukuthini na? Ukuthi uNkulunkulu wethembisa, lapho Wayethathe isifungo emuva lapho kuGenesise, ukuthi Yena “akayiku . . . ” (Beka uthingo lwenkosazana esibhakabhakeni.) ukuthi Yena “akasoze aphinde abhubhise lelizwe ngamanzi.” Wathatha isifungo saKhe futhi uyazifunga Yena uqobo ukuthi yonke iNzalo ka-Abrahama Uyoyivusa, futhi lelizwe liyoma ezahlulelweni zawo ezizamazamayo. Izahlulelo esidlula kuzo ezifundweni ezizayo esinazo, ngizonikhombisa ukuthi lelizwe lizobhodloka futhi liphendukele kwizintaba-mlilo, futhi liqhume libe izicucu futhi libheke phansi nayo yonke into. Kodwa Wazifunga Yena uqobo ukuthi angeke Esawubhubhisa, kodwa Uzowenza bushelelezi futhi futhi abeke abantwana baKhe emhlabeni ngenxa yaleyominyaka eyiNkulungwane. O, he!

> Ngibheke ukufika kwalolosuku lwenjabulo
> lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane,
> Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika khona
> ihlwithe uMlobokazi olindileyo;

O! inhliziyo yami iyalangazelela, ikhalela lolosuku lokukhululwa okumnandi,
Lapho uMsindisi wethu ebuyela entabeni futhi.

198 O, silangazelela kanjani ukubona loloSuku, Wethembisa ukuthi iminyaka eyiNkulungwane enkulu izofika. Futhi enye into, isizathu sokuthi Wayezungeziwe, UnguNkulunkulu ogcina isivumelwano. Uzosigcina isiVumelwano saKhe!

199 Manje asithole ivesi elilandelayo, noma kanjani. He, sifuna ukuthola elinye futhi, futhi cishe sinemizuzu nje elishumi, eyishumi nanhlanu yokukwenza. Senikhathele kakhulu na? Nifuna ukuqhubeka na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Kulungile, asithathe ivesi 4:

*Nesihlalo sobukhosi* ngokuzungeza *yizihlalo zobukhosi ezingamashumi amabili nane: naphezu kwezihlalo zobukhosi kwakuhlezi amalunga angamashumi amabili nane, embethe izingubo ezimhlophe; enemiqhele yegolide* ekhanda *awo*.

200 Singahle singatholi yonke indlela ukwedlula kulelovesi. Awu, asiqale. Ivesi 4, bukani manje, lapho uJohane eMbona, lowombala osaphuzi ngokuluhlaza uMzungezile, sithole yonke imibala, imicibisholo, nokunye nokunye, nokuthi konke kwakumayelana nani. Manje, evesini 4, into yokuqala akhuluma ngayo lapha, kwele 4 ives . . .

*Nesihlalo sobukhosi* ngokuzungeza . . .

201 Bhekisisani! Kuyisithombe esihle lapha, ningasigeji, "isiHlalo sobukhosi."

202 Niyazi, asibuyele emuva kuMose. UMose . . . Asinaso isikhathi sokukumba, ngakho-ke thathani nje lokho engikushoyo. UMose, ngenkathi enikwa umbono eNtabeni iSinayi . . .

203 Ngifuna niqaphele ukuthi lokhu kwakungesesiso isiHlalo sobukhosi somusa nhlobo. Lapho, igazi lase lihambile, nomhlatshelo wawusubuyile futhi futhi base bewemukele, negazi lalisesihlalweni somusa. Futhi manje kwase kuyisihlalo sokwahlulela ngoba imidumo nemibani kwakuvela kuso. Ngabe kunjalo na?

204 Khumbulani, kwakufana neNtaba iSinayi. Ngenkathi uMose eya eNtabeni iSinayi, kwenzekani na? Ukuduma, umbani. Futhi ngisho noma ngabe inkomazi noma ithole noma imvu, noma omunye umuntu, ngisho nokuthinta intaba, kufanele kufe. IBhayibheli lathi, "Kwakukukhulu ukuzamazama kwaze kwathi uMose wayekwesaba." Futhi uMos- . . . Wathi, "Khumula izicathulo zakho lapha, usemhlabathini oNgcwele." UJoshuwa iqhawe elikhulu, elalizowelisa abantwana ngaleya futhi

ahlukanise ifa labo, bekungeza kuphela uhhafu phezulu entabeni.

205 Nakhu kwakumi uMose phezulu lapho enemibala yezibani nemibanizi kaNkulunkulu namamaragidu ngakuye, ebhekisisa leyomiyalo ilotshiwe. Bemile eBukhoneni bukaNkulunkulu, leloPhimbo likhuluma emuva ngaphandle, "Mose, ukuphi na? Khumula izicathulo zakho, usemhlabathini oNgcwele."

206 Isihlalo sokwahlulela, sasesikhona manje, ayikho into eyayifanele ibe lapho kodwa abahlengiweyo. Isoni asikwazanga ukusondela kuso nhlobo (sekuphelile), isihlalo sokwahlulela. Kunjalo.

207 Manje, uMose wenza izinto emhlabeni, wenza itabernekele, njengezinto azibona eZulwini. Siyakwazi lokho, asikwazi na? Sithola uPawulu wenza into efanayo. Kufanele kube . . . amaHeberu 9:23, ukuthi uMose wenza izinto njengoba nje enza. Futhi uPawulu embonweni wakhe ngenkathi enyukela eZulwini (lapho efundise leyoNcwadi enkulu yamaHeberu), kufanele ukuthi wabona embonweni wakhe into efanayo uMose ayibona, ngoba washo ukuthi (wafundisa leyoNcwadi yamaHeberu emangalisayo), ukuthi ubuKristu babuyisifanekiso seTestamente eLidala kanjani. Wayenguthisha omkhulu, Mo- . . . UPawulu wayenguye. Manje, leso kwakuyisiHlalo sobukhosi saKhe *ngaleyonkathi*. Khona-ke e . . .

208 Nje asi . . . Akunamsebenzi, angeke ngi . . . Bengizokudlulisa lokhu, kodwa nje angeke ngikwenze. Liphi ibhlekbhodi na? Nilibuyisele emuva na? Lisemuva, Doc na? Awu, mhlawumbe nginganenza nikubone ngilapha. Ngi—ngi . . . Manje, tholani amapensela enu nephepha, ngokuba ngifuna ukusho okuthile lapha. Bengi—ngihleli namhlanje ekuseni njengoba into ethize ifikile kimi. Manje ngizonitshela engikwenzile, uma niqaphela, nginakho kudwetshwe ngemuva lapha. Niyabo? Ngikudwebe njengoba uMoya unginikeze khona, niyabo, kudwetshwe lapha kwalokho ozoba yikho. Kodwa ngi—ngifuna ukusho okuthile khona lapha.

209 Manje, uNkulunkulu, lapho Ebekwa esihlalweni sobukhosi, Yena-ke usengumaHluleli. Ngabe kunjalo na? Wehlulela nini umeHluleli na? Lapho efika esihlalweni sakhe sokwahlulela, isihlalo sobukhosi. Manje, ngifuna nibhekisise ukuthi lalenziwa kanjani iTestamente eLidala, ukuthi ukusondela kwezinkantolo kwenziwa kanjani esiHlalweni saKhe sobukhosi, nokuthi uJohane wakubona kanjani lapha. Angeke sifinyelele kukho kulokhukusa, konke okwakho. Kodwa ukuthi uJohane wazibona kanjani izinkantolo ezifanayo zokusondela kuYe, nokuthi kuyini ukusondela ezinkantolo zaKhe. Manje, o, ngiyakuthanda lokhu.

210 Manje, eTestamenteni eLidala, kwakukhona lokho okwakubizwa ngokuthi "ibandla," lapho abantu babehlangana khona. Into yokuqala, ngaphambi kokuba bangene, ebandleni,

ukuba bangene lapho, babefanele beze ngaphansi kwegazi elichithiwe, emagcekeni angaphandle. Kuqala beza emanzini okwehlukanisa, lapho isithole esibomvu sabulawa futhi benza amanzi okwehlukanisa. Leso yisoni esiza futhi silalele iZwi.

211 Walethwa kanjalo lorabi oyiJuda omkhulu nje eNkosini, wangizwa ngishumayela kulokho ezansi e...eTulsa. ETulsa, kwakulapho. Sasilapho eTulsa, e-Oklahoma. Futhi uyafika ngapho, isibukeli nje. Futhi walandela inkonzo, wathi, "Ngiyazi!" Wathi...Ungomunye worabi abavelele abayisikhombisa bezwe. Futhi ufika ngapho, wathi, "Ngifuna ukubona ukuthi leyo Christian Businessmen...Bababiza ngama, 'Pentecotal.' Ngifuna ukuwela, ngihlale phansi, ngilalele."

212 Futhi ngenkathi iNkosi yayibe nami ukuba ngikhulume ngalowomhlatshelo wesithole esibomvu, emva kwenkonzo wahlangana nabanye babazalwane emuva lapho, wathi, "Ngifuna ukuhlangana nendoda. Ngiyazi ukuthi wayengenayo ngisho imfundo kodwa..." Wathi, "Ngingurabi oyiJuda owazi zonke izindlela ezahlukahlukene nezinto ezinjalo," wathi, "angikaze ngikubone lokho empilweni yami yonke." Wathi, "Angikaze ngikubone."

213 Futhi manje ungurabi oyiPentecostal, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ohamba eya kuyo yonke indawo, eshumayela iVangeli. "Urabi oyiPentecostal," uyazibiza qobo lwakhe. Waya ngaleya eWashington Youree Hotel, ngeliny'ilanga lapho sihlangana ndawonye ezansi kwekaMfowethu Jack, futhi inenekazi lalimazi, wathi, "Rabi," wathi, "sinegumbi elihle lakho, kodwa" wathi, "asinayo ithelevishini lapho."

214 Wathi, "Lezozinto ziyi 'helevijini,' zikhipheni! Asizifuni phakathi lapho, noma kanjani; kuphakathi lapho, ngizonenza nikuphose ngaphandle."

Wathi, "Rabi!"

Wathi, "Ngingurabi wePentecostal." Haleluya!

215 Wathi, "Manje, uma uya kwa-Israyeli, Mfowethu Branham, ngifuna ukuhamba nawe." Wathi, "Singakuyisa kubantu bakithi."

216 Ngathi, "Hhayi manje, Rabi, hhayi manje. Hhayi manje, akukabi silo ihora okwamanje, linda kancanyana."

217 Manje, qaphelani lezizindawo ezingcwele. Manje, lapho niza ningene emagcekeni, okokuqala kwakungamagceke, amagceke angaphandle. Okulandelayo kwakuyi-altare, lapho imihlatshelo yayinikelwa khona, i-altare lethusi. Khona-ke ngaphandle kwe-altare lethusi, kwakukhona iveli elalilengiswe lapha elahamba langena indaweni eNgcwelengcwele; phakathi lapho kwakuyisihlalo somusa, phakathi lapho kwakungamaKherubi. Yilokho engifuna ukufika kukho

esifundweni sethu esilandelayo, lawo maKherubi esibekela isihlalo somusa. O, he! Ngi . . . Singahlala inyanga yonke kukho, niyabona, kuleloKherubi.

218 Manje, manje qaphelani njengoba bengena. Ibandla lalingafika *lapho*; abapristi babengama *lapha*; kodwa nje umpristi omkhulu wayengangena lapho, kanye ngonyaka, angene negazi.

219 Futhi wayefanele agqoke ngendlela ethile, ingubo ethile; wayefanele abe nensimbi nepomegranathi, omunye komunye. Futhi lapho ehamba, wayefanele ahambe ngendlela ethile. Lapho ehamba, wayedlala, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi. Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi," lezozinsimbi namapomegranati ekhala kanyekanye, "Ngcwele, ngcwele, ngcwele!" Ngani na? Wayesondela kuNkulunkulu, enegazi lesivumelwano esandleni sakhe, ehamba phambi kwaKhe, ephethe igazi.

220 Egcotshiwe (O, he!) ngamakha athile. Izingubo zakhe zazifanele zenziwe ngesandla esigcwaliswe nguMoya oNgcwele, izandla ezibhalisiwe zenza izingubo zakhe. Imbali yaseSharoni, amafutha okugcoba, ethululelwe ekhanda lakhe, ayehlela onke phansi entshebeni yakhe futhi-ke phansi phezu kwendawo yakhe namakha asebukhosini; ipomegranati nensimbi; ethatha igazi lewundlu elingenacala; akalokothi asondele kuleyoveli engaphandle, wayezofela khona lapho, lapho ayemi khona. Ngakho-ke wayedingeka ahambe, ahambe ngendlela ethile, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi. Ingcwele, ingcwele, ingcwele," (esondela kuNkulunkulu) "eNkosini. Ingcwele, ingcwele, ingcwele!"

221 Futhi wayehamba lapho futhi anikele ngegazi esihlalweni somusa, kanye ngonyaka. Futhi ngenkathi esephakathi lapho, wayenenhlanhla yokubona iNkazimulo yeShekina; lapho iNsika yoMlilo, ukuKhanya okuphuzi okwehlayo, okwahola abantwana kwabakhipha kwa-Israyeli. Walishunqisa ngisho nethempeli ukuze kungabikho muntu oLibonayo. INkazimulo yeNkosi yawa yaze yashunqiselwa yonke. Futhi Wangena qobo lwaKhe, wangena ngemuva kweveli wazinza esihlalweni somusa endaweni eNgcwelengcwele. "Indawo eNgcwele kakhulu," ibizwa ngokuthi, indawo eNgcwelengcwele. Futhi wayefanele agqoke ngendlela ethile, ahambe ngendlela ethile, agcotshwe ngendlela ethile. Wayengumuntu okhethekile ukuhamba ayongena lapho. Kufanele ukuthi ibandla lalinomona kanjani ngaye!

222 Kodwa lapho uJesu efa, iveli lethempeli ladabuka. Hhayi umpristi kuphela, kodwa "yilowo nalowo othandayo" angaba nakho lokho lologcobo olufanayo lweNkazimulo yaseShekina futhi ahambe impilo engcwele, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, eNkosini," futhi esondela khona impela

eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngeGazi likaJesu Kristu phambi kwakhe. Wamthatha: "Nkosi uJesu, lapha kulele umuntu ogulayo, ungumfowethu. Usembhedeni wokufa khona manje, ukuba afe. Ngisondela kuWe, 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi.'"

"Wenzela ini na?"

"Njengompristi omkhulu."

"Enzela ini na?"

"Esikhundleni somfowethu. 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi.'"

223 Nakho lapho ukhona! Ukuhamba kwakho kwansuku zonke, ukukhuluma kwakho kwansuku zonke, ukuziphatha kwakho kwansuku zonke, inhliziyo yakho, umphefumulo wakho, nakho konke, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi." Akunazimpande zokubaba, akukho lutho olunye, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi. Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi," lapho siqala ukusondela ngenxa yomfowethu. Noma ngubani othandayo angeza, agcotshwe, iGazi phambi kwakhe, iGazi lihamba phambi kwakhe, lidlala "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi."

224 Manje, lawo kwakungamagceke angaphandle, indawo engcwele. Futhi indawo eNgcwelengcwele, lokho kwakuyindawo engcwele kaNkulunkulu emhlabeni. Bhekisisani, kwakungumfanekiso emhlabeni kwalowo waseZulwini. Manje, sizobuyela emuva ngqo futhi kuloMbhalo ofanayo. O, sonke njengoba sihamba sedlula eSambulweni, singabuya ngqo emuva kulokhu futhi. Niyabo?

225 Manje yena . . . uJohane, umi kuphi uJohane na? Emagcekeni. Ake sifunde nje kancane siqhubeke lapha ukuze nizothola isithombe:

> *Nasesihlalweni sobukhosi* kuphuma *imibani . . .* imidumo . . . *amazwi: nezibani zomlilo eziyisikhombisa* (Lindani size singene kulokho!) *zavutha phambi kwesihlalo sobukhosi, ezingoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu.*

226 Ebonakalisa ukuKhanya kukaNkulunkulu eBandleni, kusukela ngqo esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, hhayi ngekholiji, hhayi ngombhishobhi othile, kodwa kusukela eSihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, ngesambulo samandla okuvuka kwaKhe, emenza Yena abenguye izolo naphakade; lezozinkanyezi eziyisikhombisa zimi lapho zibonakalisa lokho kuKhanya, ukuKhanya kweShekina, kusukela eNkazimulweni yeShekina kusukela endaweni eNgcwelengcwele. Izibani eziyisikhombisa zomlilo, zihlezi ezicongweni salezizinti zezibani, zibonakalisa ukuKhanya kwaKhe, imibala yaKhe, amandla aKhe okuvuka kwaKhe, kuyongena ngqo eBandleni. Amen! Mm!

> *Nangaphambi kwesihlalo sobukhosi . . . kwakululwandle lwengilazi njenge nekristalu: nangaphakathi kwesihlalo sobukhosi,* nanxazonke *isihlalo sobukhosi, kukhona izidalwa ezine zigcwele amehlo ngaphambili nangasemuva.*

227 Futhi uyaqhubeka futhi uqala ukunikeza lokhu . . . lezizidalwa, into efanayo uHezekeli ayibonayo; labo baqaphi . . . oyedwa ofana nomuntu, oyedwa ofana nengonyama, oyedwa ofana nokhozi. Kwakuyini na? Manje, bhekisisani, ngenkathi sibangenisa futhi sikhombise leyoNgonyama yesiZwe sakwaJuda nabo bonke labo abehlukene abaphuma ezizweni zabo, abahlezi ezindongeni ezine, futhi babeqaphe lesisihlalo somusa. O, isithombe esinje! O, nje ngi . . . Kunezinsuku ezinkulu ngaphambili.

228 Njengoba sibabona, manje, leso kwakuyisiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu eZulwini, uMose waLifanekisa emhlabeni, laliyisiHlalo sobukhosi ngoba isihlalo saKhe sokwahlulela wayemelelwe lapha emhlabeni endaweni eNgcwelengcwele. UNkulunkulu . . . Wonke u-Israyeli uza kuleyondawo eyodwa ukuzothola umusa, ngoba uNkulunkulu wahlangana kuphela ngaphansi kwegazi elachithekayo.

229 Manje, lalelisisani. Khona-ke iNkazimulo yeShekina yavuka kulesosihlalo somusa ngeliny'ilanga, futhi Yahlala phezu kwelinye iTabernakele (Amen!), leLi, "UBaba akehluleli muntu kodwa Unikele konke ukwahlulela eNdodaneni." IsiHlalo sokwaHlulela sikaNkulunkulu. Whewu! "Ukhuluma ngokumelana naMi, niyothethelelwa khona," ukhuluma ngomunye—ngomunye Ozayo, esinye isiHlalo soMusa. "Ukhuluma . . . ukhuluma ngokumelana neNdodana yomuntu, Ngizonithethelela; kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uzoza uzohlala ezinhliziyweni zabantu, izwi elilodwa elimelene naLo alisoze lathethelelwa."

230 Liya ngokubanzima ngokubanzima ngaso sonke isikhathi, ukwahlulelwa, ngoba uNkulunkulu njalo uyakhathala ngesineke saKhe, ezama ukuthola izoni ukuba zize kuYe ukuba kubuyiswane. Okokuqala, Wayesemazulwini ngaphezulu futhi ekhanya ezinkanyezini. Okwesibili, Wayesemhlabeni ekhanya eNkazimulweni yeShekina. Okulandelayo, Uyafika futhi wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, esalokhu eseneke saKhe. Khona-ke Wahlenga umuntu ngeGazi laKhe, wangena eBandleni laKhe ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi ukhuluma ngokumelana naLokho yinto esiphelile, kuphelile.

231 Manje ningabona ukuthi ukuzamazama kuvelaphi. Lapho isikhathi, abaqondi. Abantu abakwazi ukuqonda ukuthi Kusho ukuthini.

232 Manje, isiHlalo sobukhosi sokuqala sasiseZulwini, isihlalo sokwahlulela. IsiHlalo sobukhosi sesibili sasikuKristu. IsiHlalo sobukhosi sesithathu sikumuntu.

233 Manje, ake ngithathe lento encane enginayo edwetshwe lapha. Sizokwenza . . . Ngifisa sengathi ngabe benginebhlekibhodi, ukuthi bengingakwenza mhlawumbe kube nomqondo kakhulu kini. Sizothatha futhi sidwebe amagceke, siwenze kuphela abeyindingilizi, noma kanjena, noma yikuphi okunye. Manje sizothatha . . . ngiyakholwa, njenga *lokhu* mhlawumbe bekuzoba ngokwedlula konke, sizothatha futhi senze amagceke.

234 Manje, uyini umuntu na? Uyisidalwa esinguziqu zintathu; umzimba, umphefumulo, nomoya. Bangaki okwaziyo lokho na? Bhekisisani indlela yokuza kaNkulunkulu. Iyini inhliziyo yakhe na? Niyawukhumbula umlayezo wami, *UNkulunkulu Wakhetha iNhliziyo Yomuntu ukuba ibe Ngumbhoshongo waKhe Olawulayo* na? Udeveli wakhetha ikhanda lakhe ukuba libe ngumbhoshongo olawulayo wakhe; niyabo, umenza abone izinto, abuke ngamehlo akhe. Kodwa kukho . . . uNkulunkulu enhliziyweni yakhe umenza akholwe izinto angeke azibone. Ngabe Wakwenza na? Niyabo, uNkulunkulu usenhliziyweni yakhe, enhliziyweni yomuntu yisiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Niyakuthola na? Umuntu! UNkulunkulu wenza isiHlalo saKhe sobukhosi enhliziyweni yomuntu.

235 Manje, bhekisisani. Iyini ingxenye yokuqala yomuntu na? Ingxenye yokuqala yomuntu ngu*mzimba*. Ingxenye elandelayo u*mphefumulo* wakhe, okuyimvelo yomoya wakhe lokho okumenza abe yilokho ayikho. Uyasondela manje. Manje, ingxenye yesithathu yomuntu ngumoya wayo, futhi umoya wayo umaphakathi nenhliziyo yayo, futhi maphakathi nenhliziyo yilapho uNkulunkulu afikela khona isiHlalo sobukhosi.

236 Niyakhumbula, maduzane nje, a—amaphepha anikeza eChicago cishe eminyakeni emine edlule, lapho ikholwa elidala . . . ongakholwayo omdala, njalo, wayevamise ukuthi athi uNkulunkulu wenza iphutha ngoSolomoni ngenkathi Ethi, "Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe." Wathi, "Awekho amandla engqondo enhliziyweni ongacabanga ngawo. Angacabanga kanjani ngenhliziyo yakhe na? Uzofanele . . . Wayeqonde ikhanda lakhe."

237 Ukuba uNkulunkulu wayeqonde ikhanda lakhe, Ubeyothi, "ikhanda lakhe."

238 NjengoMose, kuthiwani ukuba uMose . . . uNkulunkulu ubeyothi, "Mose, khumula izicathulo zakho, usemhlabathini eNgcwele"; wathi, "Awu, kungani nje ngingakhumuli isigqoko sami, nalokho nje kulungile"? Wathi, "izicathulo." Akashongo ukuthi, "isigqoko," wathi, "izicathulo."

239 Futhi ngenkathi Ethi, "Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu," Wayengaqondile ukuthi "UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Wayeqonde nje lokho Ayekushilo.

240 Ngenkathi Ethi, "U*fanele* uzalwe ngokusha," Akazange athi, "Wena *ubufanele* ukuba."

241 Wathi, "Lezizibonakaliso *ziyaku*balandela abakholwayo," Akazange athi, "*Mhlawumbe* ziyokwena."

242 Usho lokho Akuqondile! Futhi UnguNkulunkulu futhi Angeke aKuhoxise. Uyazi ukuthi yini ephelele ngakho Ukwenza ngaleyondlela, futhi yileyondlela A—Ahlose ukuba Kube ngayo. Futhi ufanele ufinyelele kuLokho. Hhayi Yena ukuba ehlele emcabangweni wakho, ufanele ufinyelele eMcabangweni waKhe. Lowo ngumehluko.

243 Manje, manje, kulenqubo yomzimba, umphefumulo... Manje, uma uzothola igama elithi *umphefumulo* futhi ulifune encwadini, lizokutshela kwi—kwesichazamazwi seBhayibheli noma iWebster, noma iyiphi yazo, liyi "mvelo yomoya."

244 Manje, nansi indoda, sithi, *nangu u*John Doe. Kulungile, uJohn Doe. Futhi *nangu u*Sam Doe. Kulungile. Manje, uJohn Doe uyindoda, umzimba, ungumfowabo kaSam Doe. Manje, uJohn ungumoya, umphefumulo, umzimba; futhi uSam Doe uyinto efanayo (umzimba, umphefumulo, umoya) njengoba enjalo, umzimba, umphefumulo, umoya. Manje, *le*ndoda imbi, iyadelele, iyakhohlisa, iyeba, iqamba amanga, iyaphinga, noma yini embi engayenza; kodwa *le*ndoda igcwele uthando, ukuthula, injabulo. Bobabili banomphefumulo, umzimba, nomoya. Awu, yini umehluko na? *Le*ndoda ingabuyela emuva futhi ithi, "Ngiyamkhumbula umama wami, ngiyazikhumbula izinto esizenzile lapho sasisengabafana"; bobabili bangakwazi. Bobabili banemimoya, bobabili banemiphefumulo, bobabili banomzimba.

245 Kodwa imvelo yomoya wa*le*ndoda imbi; imvelo yomoya wa*le*ndoda inhle. Niyabo? Ngakho-ke imvelo yomoya ingumphefumulo womuntu. Niyabo? Ngakho-ke, manje, uNkulunkulu uzama ukungena kuphi na? Umoya nenhliziyo yomuntu. Lapho umoya ulele khona usenhliziyweni.

246 Niyazi, futhi isayensi yathi (njengoba ngingakuqedanga lokho), ukuthi umuntu angecabange ngenhliziyo yakhe. Futhi isayensi iqala ukuthola ukuthi kukhona ikamelo elincane enhliziyweni yomuntu (hhayi enhliziyweni yesilwane, kodwa enhliziyweni yomuntu), akukho ngisho inhlayiya yegazi, noma lutho. Bathi, "Kufanele kube yindawo lapho umphefumulo uhlala khona, noma umoya." Vele nje—vele nje ubayekele, bazothatha izinto zabo uqobo ezingasile futhi bafakazise uNkulunkulu. Kunjalo. UNkulunkulu wenza nje oyisiwula afakaze ngaYe.

247 Manje, nakho-ke, izihloko ezinkulu ephepheni. Intombazanyana kaMfowethu Boze yathi, "Mfowethu Branham, uyakwazi owawukusho ngelinye ilanga na?" Ngathi, "Buka, buka, isayensi isivele ikutholile."

248 Wathi, "Awu, makabongwe uNkulunkulu! Ngifuna lokho, dadewethu, ngifuna—ngifuna lokho."

249 Umphefumulo womuntu yimvelo yomoya, futhi umoya uhlala enhliziyweni yomuntu.

250 Manje, manje, liyini amagceke angaphandle na? Leyo inyama. Niyabo? Leyo yinto yokuqala oza kuyo, inyama. Uzofanele uqede lokho kuqala. Uzofanele, wedlule ngaleya kwenyama. "Angi—ngizizwa nje kuthi angisukume futhi ngiye esontweni, imigwaqo iyashelelela kakhulu. Ngi—ngi... Kuyashisa kakhulu. O, bandla, angazi." Leyo yinyama. Kulungile. Manje, uzofanele ukuqede futhi uhambe wedlule kulokho, uNkulunkulu uzofanele edlule kulokho.

251 Isikhathi esilandelayo Afika ngaso, Uzofanele angene emphefumulweni, leyo yimvelo. "O, abakwaJones bazothini ngami na? O, he! Niyazi, ibandla lami lizongikhahlela lingikhiphe uma ngi—uma ngenza into enjalo. Niyabo?" Kodwa uzofanele uhambe wedlule kulokho.

252 Futhi uma uhamba wedlula kulokho, khona-ke Uyahamba angene enhliziyweni futhi yilapho Ebekwe esihlalweni sobukhosi khona. Lowo nguMoya oNgcwele kuwe. UJesu wathi, "Bekungangcono kakhulu ukuthi itshe lokusila lalengiswa entanyeni yakho futhi waminziswa ezinjulweni zolwandle, kunokuba ngisho ukhubekise balaba abancinyane abakholwa yiMi." Ungabalimazi; ngisho nje ukuletha isikhubekiso, ukubacasula nje ngokuthize. Bekuyoba ngcono ukuthi wawuzicwilise wena uqobo, noma wawungakaze uzalwe nhlobo emhlabeni, kunokuba ngisho ulethe isikhubekiso koyedwa. Ngabe Wayekuqondile na? Ngabe Wayengaqamba amanga na? Ngabe abaphostoli bakusho na? Qhabo, qhabo. UJesu waKusho! UJesu wathi, "Uma uletha ngisho isikhubekiso komunye wabo, laba abancinyane abakholwa yiMi."

"Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo!"

253 Omunye omkhulu, umfo omkhulu uthi, "O, ngiyakholelwa kuYe! Haleluya!"

254 "Sewake wakhuluma ngezilimi, wahumusha izilimi, wakhipha amademoni, imibono, nokunye nokunye, njengoba Ethembisa na?"

"Qhabo, lolosuku selwedlule." Akasilo ikholwa, ungumzenzisi.

255 UJesu wathi, amazwi okugcina Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ezweni lonke nakuso sonke isidalwa." Kunjalo. "Ziyolandela ikholwa ngize Ngibuye." Lawo

ngamaZwi okugcina Awasho. Bangaki abakwaziyo lokho na? IBhayibheli, uMarku 16.

Manje, niyabo, ungumzenzisi.

256 Kodwa uma uthola ikholwa elikholwa ngempela, nezibonakaliso zilandela, bese ubona ukuthobeka kwempilo yabo, hhayi ozifanisa nomunye umuntu, bayazi ukuthi bangumKristu, wangempela, impahla yangoqobo, elokhu iqhubeka nje ithule. Into okufanele uyenze, ukuthi ujoyinane ngqo nabo, qala ukuhambisana, ngoba uyahamba uyenyuka ngqo ngomgwaqo ophakeme weNkosi.

257 Manje, kwenzekani na? Bhekisisa lokhu. Amagceke angaphandle: kwakungunyaka kaLuther, njengoba siqala eMzimbeni weBandla labeZizwe.

258 Khumbula, babengamaJuda phezulu lapho cishe ngesikhathi sika—sika we A.D. 606 [A.D. kusho ukuthi uJesu azalwa—Umh.] ngenkathi kungena eThiyathira, kwakuthi akube yiwo onke amaJuda aphendukile. Kodwa ngemva kwamaJuda, kuqathakela ngaleya phakathi lapha kubo bobabili iJuda noweZizwe (kodwa ikakhulukazi eJudeni). Kodwa lapho ngempela kungena onyakeni wabeZizwe, kuza ngaloluhlangothi, niyabo, kufika uMartin Luther, uJohn Wesley, nokunye nokunye. Niyabo?

259 Manje, bhekisisani lezi ezintathu zokugcina emva kwalowoNyaka wobuMnyama, ukhuphukela oNyakeni oPhakathi nendawo nephasika. Ngenkathi kufika, bhekisisani lamagceke angaphandle. Niyabo: inyama, umphefumulo, umoya. Niyabo? Lawomagceke angaphandle, inyama. Indawo engcwele: amaNazarene, i-Pilgrim Holiness, iFree Methodist. Niyabo? Bese kuba-ke indawo eNgcwelengcwele: kubuyele emuva ePentecostal, lapho okwaqala khona ekuqaleni, niyabo, emuva ekuqaleni.

260 Manje, uma nikudweba, ngifuna ukumaka. Manje, kunamasango amahlanu angena enyameni, alawula inyama. Niyakwazi lokho. Akukho lapho na? Leyo yimizwa emihlanu. Mingaki imizwa elawula umzimba na? Iyisihlanu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Kunjalo na? Leyo yinyama, amagceke angaphandle, lokho yizinto ongeke wethembela kuzo yinyama.

261 Amagceke angaphakathi khona-ke, sinamagceke angaphakathi, okuyi-altare elilandelayo. Futhi i-altare elilandelayo liyangena, futhi lingena no—nonembeza, imizindlo, izinkumbulo, iminjunju, nothando. Lokho yimizwa emihlanu elawula amagceke angaphakathi. Lowo ngumphefumulo. Imizwa yothando, lokho umphefumulo, uthando, nokunye nokunye. Bese kuthi-ke okulandelayo kulokhu kuzwa lapha, kuyobakhona izinkumbulo, nonembeza, nomusa, nokunye nokunye, no—no—nokuzindla. Uhlala phansi futhi ucabange

izinto, wenzani na? Awukwenzi enyameni yakho, imizwa yakho ayicabangi. Yigceke elingaphakathi ngaphakathi kuwe.

262 Linamasango amathathu. Senzani na? Siyakwephula manje, ningaKugeji. Okuvela enyameni, imizwa emihlanu; kolandelayo, umphefumulo, amagceke angaphakathi; kodwa manje ungena enhliziyweni. Niyabo?

263 Manje, yilapho nina Pilgrim Holiness elungileyo neMethodisti nahlala kulelo-altare phandle *lapho*. Niyabo, nisemagcekeni. Nina maLuthela nokunye nokunye emuva enyameni, emuva lapho nemizwa emihlanu, lokho iso elingakubona futhi likufeze. Niyabo?

264 Nakhu kufika iPilgrim Holiness okungukuthi kuphela yayiyi Free Methodisti, kuza emagcekeni alandelayo futhi likholelwe ebungcweleni, ngoba yayibizwa ngendawo engcwele lapho umhlatshelo wawubekwa khona.

265 Kodwa kanye ngonyaka kwakungena umpristi omkhulu endaweni eNgcwelengcwele eyayilahliwe. Kwakukhona unyaka wamaLuther; bese-ke kuba unyaka wamaMethodisti; khona-ke *lo*nyaka, izinkanyiso zeBandla, okufana nasenqubweni yesidalwa esingumuntu.

266 Khona-ke singena kanjani—singena kanjani ku*lokhu* na? Manje, khumbulani, kwakukhona iveli, iveli elilenga phakathi kwengcwele nendawo eNgcwelengcwele. Endaweni eNgcwelengcwele yilapho uKristu afikela khona ukuzohlala phansi esihlalweni sobukhosi senhliziyweni yakho, uKristu ubekwe esihlalweni sobukhosi. Ufika ngokulungisiswa (Ngabe kunjalo na?); ukungcweliswa; "Futhi khona-ke ngokukodwa . . ." (amanzi . . . ngebandla elilodwa . . . ngesivumokholo esisodwa . . . Qhabo!) "ngaMoya munye," kusukela lapha sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni owodwa okunguMzimba kaKristu. Ngani na? UMoya oNgcwele.

267 Ngubani ongenayo na? AmaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaPentecostal, noma ngubani othandayo. Leyo yiveli, niyazi ukuthi leloveli liyini leloveli elimboze inhliziyo yakho kuLo na? Senikulungele na? Iveli libizwa ngokuthi "ukuzithandela." Niyasithola isithombe manje na? Imizwa phandle *lapho*, imizwa emzimbeni nemizwa eya emphefumulweni, futhi iveli phakathi kwalokho nendawo engcwele, indawo eNgcwelengcwele. Futhi indlela kuphela ongangena ngayo lapho ukuba nokuzithandela! "Ngokuba yilowo nalowo . . ." Ini na? Noma ngubani oxhawulanayo na? Noma ngabe ubani ocwilisiwe na? Noma ngabe ubani ojoyina ibandla na? Noma ngabe ubani odlulisa incwadi yakhe iletha na? Noma ngabe ubani . . .? Qhabo! "Noma ngabe ubani *ozo*za ngaleya kweveli."

268 Makuthi uKristu afike emizweni; athi “Awu, bengifanele. Angifuni ukuya esihogweni, leyo yinto eyodwa. Ngizojoyina isonto.” Kulungile, iLuthela.

269 “Awu, ngizonitshela lokho, ngikholwa ukuthi ngifanele ngiphile impilo ehlukile, lokho engingakwenza,” ukungcweliswa e-altare. Kulungile, iMethodisti.

270 Kulungile, futhi khona-ke noma ngubani *othandayo*, makedlule iveli elidabukile. O, udumo kuNkulunkulu! Ngikolunye uhlangothi. Haleluya eGameni laKhe! O, he! Noma ngubani othandayo, makadilizele phansi, amakhethini entando yakhe uqobo, futhi makuthi uNkulunkulu angene enhliziyweni yakhe. Kukhona uKristu esihlalweni saKhe sokwahlulela enhliziyweni yomuntu! Yini ezokwenzeka na?

271 Wena uthi, “Ngifanele . . . O, ngi—ngingawaxoxa amahlaya angcolile, akungilahli.” Ngani na? Abanalutho oLungabalahla. Akekho noYedwa lapho uku—ukukukhipha. Akekho noYedwa lapho uku—ukukulahla. “Awu, ngizonitshela,” abesifazane bathi, “ngingabanazo izinwele ezimfishane, akungilahli.” Akumangalisi! Niyabo? “O, ngingazigqoka izikhindi . . . ngingakwenza *lokhu*. Mina . . .” Abantu bathi, “Akungilimazi ukubhema isigazu, akungilimazi ukudlala a—amakhadi nokudlala amadayisi,” futhi noma ngabe yini ayenzayo. “Akungilimazi.” Futhi basalokhu besonta ebandleni, niyabo, “Akungilimazi ukwenza *lokhu*.” Ngani na? Ngani na? Akukhonto lapho ukukwehlulela.

272 Kodwa lapho uKristu engena, wena wakhe i-altare enhliziyweni yakho futhi izono zakho zithathwa nsuku zonke. UPawulu oNgcwele omkhulu, wathi, “ngifa nsuku zonke. Nokho ngiyaphila, kodwa akusi*mina* ophilayo, nguKristu ophila kimi.” Nanso iveli yangaphakathi. O, mfowethu, dadewethu!

273 Sheshani, ngiyazi . . . O, qhabo, ngi . . . Angeke nje ngikuqedele, sengedlule isikhathi. Ake sibone, ake nje ngi . . . Qhabo, kungcono ngingakwenzi. Niyabo, ngifuna ukuthatha amalunga angamashumi amabili nane, futhi ngiyazi ngiyanivimba edineni lenu. Nje sizo . . . Ake sibone, ukuthi . . . Bangaki abathi thatha amalunga angamashumi amabili nane na? Nje . . . [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.] Kulungile, umzuzu nje. Kulungile, umzuzu nje. “Amalunga angamashumi amabili nane,” khona-ke, asiwathole ngokukhulu ukushesha manje, “ngokuzungeza isiHlalo sobukhosi, futhi kwakungamashumi amabili- . . . ezungeze isiHlalo sobukhosi.”

274 Manje niyabona ukuthi . . . Sikuphi isiHlalo sobukhosi manje na? Enhliziyweni. Enhliziyweni kabani na? Amalunga emiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, uKristu! “Khuluma izwi eliphikisana nesenzo sabo, ulahliwe,” uzophendula ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa. Futhi ubani ozokwahlulela izwe na? AbaNgcwele bayakwahlulela izwe.

275 Ubani uDaniyeli ambona eza namashumi ezinkulungwane eziphindwe kamashumi ezinkulungwane na? AbaNgcwele. IziNcwadi zavulwa, izoni. Enye iNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila, intombi elele. O, he, abakuboni lokho na? Ibandla elilele, labo abaphuma ukuyohlangabeza uMyeni, bavumela amaFutha aphela esibanini sabo; abazange bangene kuLokhu, abazange bavumele uKristu ukuba alawule ukuze Ezokwenza izimangaliso futhi akhulume ngezilimi futhi enze izimangaliso nezinto ukufakazela ukuthi Wayephila eBandleni laKhe.

276 Bekungathiwani ukuba uJesu wayeyofika emhlabeni futhi wathi "NginguJesu, ngiyiNdodana kaNkulunkulu," angikaze ngenze lutho, Ubeyothi nje "Ngi—Ngikhuphukele lapha futhi ngijoyina isonto"? Ngabe leyo bekuzoba iNdodana kaNkulunkulu na?

277 Wathini Yena na? "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa."

278 O, he! Niyabo? UNkulunkulu uyazimemezela Yena uqobo, Uyathanda ukukwenza. UnguJehova. Uyathanda ukuzazisa Yena uqobo. O, ngijabule kakhulu ngakho. Yebo, mnumzane. Uzenze Yena uqobo waziwa kimi, ngiyazi Unakho kuwe. Abanye benu bantu abasebasha abasanda kuphenduka, nokho ana . . . ningahle ningaMazi emandleni nasezintweni ezinkulu lezo amaKristu amadala azenzayo, kodwa niyeza ningena kukho ngqo. Nikhuphukela ngqo emgwaqeni ophakeme weNkosi. Ninga . . . Yibani nilokhu nibuka futhi nicindezela nje kanzima njengoba ningenza. Gijimani, gijimani, gijimani kanzima nje njengoba ningenza. Ningameli lutho, yibani nilokhu niqhubeka nihamba.

279 NjengoDadewethu Snelling omdala ozihluphekelayo wayevamise ukuthi:

> Ngiyagijima, ngiyagijima, ngiyagijima, ngisanda kwedlula nje;
> Ngiyagijima, ngiyagijima, ngiyagijima, ngisanda kwedlula nje;
> Gijima, gijima, gijima, futhi angeke uhlale phansi.

Umphefumulo omdala ozihluphekelayo, usengaleya namhlanje.

280 Kulungile, manje, futhi kwakukhona—kwakukhona izihlalo zobukhosi futhi kukhona, kukhona amashumi amab- . . . kwakukhona izihlalo ezingamashumi amabili nane. Manje, bekungaba ngakanani lokho, amashumi amabili nane na? Amashumi amabili nane. Kulungile:

> *. . . izihlalo ezingamashumi amabili nane: naphezu kwe*sihlalo . . . *naphezu kwezihlalo ngabona amalunga angamashumi amabili nane* (elilodwa esihlalweni),

*embethe izingubo ezimhlophe; enemiqhele yegolide emakhanda awo.*

281 Manje, "amalunga angamashumi amabili nane." Ngifuna niqaphele ayengesizo iziDalwa eziyiziNgelosi. Izingelosi azihlangene, iziDalwa zaseZulwini azihlangene nemiqhele nezihlalo zobukhosi. Niyabo, azihlangene nhlobo, ziyiziNgelosi, azizange zinqobe. Uma niqaphela kamuvanyana, amaculo ababewacula, nezinto, bafakazisa ukuthi babengesizo. Niyabo? Bacula iculo lokuhlengwa; ngakho-ke, iziNgelosi azidingi ukuba zihlengwe. Niyabo? Kulungile. Kodwa babengamadoda ahlengiwe.

282 Angisiye. . .nina bantu, angizukuba naso isikhathi ukubamba lokhu. Kodwa wena obhala phansi, uma ufuna ukwazi ukuthi zazingabantu abahlengiwe, thatha uMathewu 19:28, kulungile, 19:28, uMathewu, iSambulo 3:21, bese-ke uthole lezo, iSambulo 20:4, iSambulo 2:10, uPetru wokuQala 5:2 ne 4, uThimothi wesiBili 4:8. Lokho kuzokwazisa ukuthi bahlengiwe. Ngifuna ukuhamba ngedlule kulokho kulokhukusa, niyabona. Futhi ningakufunisisa amaviki, niyabona. Babengesizo—babengesizo iziDalwa eziyiziNgelosi, babengesizo iziDalwa zaseZulwini, babengabantu abahlengiweyo. Niyabo? Ungakucabanga ukugqoka kwabo, indlela ababegqoke ngayo; ungasicabanga isikhundla sabo, lokho ababenakho; ucabange amaculo, lokho ababekucula; futhi wazi ukuthi babengesizo iziDalwa eziyiziNgelosi. Mm.

283 Ngiyakuzonda ukuza kulokhu, kodwa ake sifunde omunye umBhalo. Nizokwenza na? Kulungile. Asibuyele emuva kuDaniyeli 7, umzuzwana nje, emuva lapha, uDaniyeli 7, futhi sifunde umBhalo nje lapha. Ngifuna. . .ngakho-ke lokhu kuzonisiza kakhulu impela kuwo wonke umyalezo kulokhukusa. Ngiqinisekile kuzokwenza—kuzonenza nizizwe ningcono kakhulu emuva kokuba senifunde lokhu futhi nibone lokhu, nibone ukuthi uDaniyeli, isahluko 7 sikaDaniyeli, futhi asiqale manje kusukela ku. . .uDaniyeli 7, asithathe esesi 9 isahl-. . . ivesi 9. Manje, lalelisisani manje kulezizinto:

> Futhi. . .*Ngabheka* kwaze *kwabekwa izihlalo zobukhosi kwahlala, oMdala wezinsuku,* izembatho *zakhe zazimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda lakhe* zazinje. . .*boya bezimvu obuhlanzekileyo:* futhi *isihlalo sakhe sobukhosi sasingamalangabi omlilo,* (Niyabona futhi, kubuyela emuva emlilweni wesimaragidu.) *namasondo aso engumlilo ovuthayo.*
>
> Futhi. . .*Umnonjana womlilo wavela waphuma phambi kwakhe:* izinkulungwane eziphindwe *kashumi izinkulungwane zazimkhonza, futhi* amashumi ezinkulungwane *nezinkulungwane eziyishumi ze*zinkulungwane (Nakhu kufika oHlengiweyo wenu.)

*zazimi ngaphambi kwakhe:* futhi *kwahlala abahluleli, nezincwadi* (izincwadi, ubuningi) ya*vulwa*.

284 Manje, qaphelani, lokhu kwahlulela kwahlelwa. Niyabo? Manje, qaphelani. UDaniyeli, lapho ebone izihlalo zobukhosi ekwahlulelweni, zazingenalutho, wabona "izihlalo zobukhosi ziphonswa phansi, zehla zivela ezulwini, oMdala wezinsuku wehla evela eZulwini." Kodwa lapho uJohane ekubonile, isiHlalo sobukhosi sasesivele sihleli uJesu, nezihlalo zobukhosi zabafundi nokhokho, abahlengiweyo, sasesivele zigcwalisiwe. Niyabo? UDaniyeli wakubona iminyaka engamakhulu ayisihlanu ngaphambi kwesikhathi sikaKristu. Futhi khona-ke emva kukaKristu, kwenza iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu, futhi uJohane wayephila ngaleya onyakeni ozayo, futhi wayesevele ekubonile lokhu kwenzeka. Lapho, uDaniyeli engazange akubone, (Niyabo?) wabona nje oMdala wezinsuku efika; wabona Yena efika. Kodwa lapho uJohane ebona Yena, isiHlalo sobukhosi sagcwala, niyabo, izihlalo zobukhosi zaphonswa phansi noMdala wezinsuku, futhi ukwaHlulelwa kwahlelwa. Kodwa ngenkathi uJohane ebona Yena, amalunga ayengakakhethwa ngesikhathi sikaJohane... noma isikhathi sikaDaniyeli, kodwa base bevele behlengiwe esikhathini sokuphela...?...O he! O, akusikho lokho... Akamangalisa na?

285 Ngakho-ke, uDaniyeli 7, yena...wenzani uDaniyeli na? Wabona ngaphambili ukwaHlulelwa, wabona izihlalo zobukhosi zokuhlala sasingenalutho. Niyabo, sasifanele singabi nalutho. NjengoJohane ngesikhathi sakhe, ngemuva kweBandla elihlwithiwe, zazigcwaliswe ngamalunga ahlengiwe. Mm.

286 Kusho ukuthini ukuthi *ilunga* na? Uma uthatha igama elithi *ilunga*, nginazo cishe...zonke lezizincazelo ezibhalwe lapha, ngiyeqa nje phansi. *Ilunga* lichaza "inhloko yomuzi" noma "inhloko yesizwe." I*lunga*, "inhloko yokuthile." Njengoba ngi—ngizoba yi...uMfowethu Neville njengamanje uyilunga kulelibandla. Uyini na? Inhloko yalomzimba wendawo. Niyabo? Futhi imeya yedolobha izoba yilunga lalomuzi; niyabo, ilunga lomuzi. Niyakhumbula emuva ezikhathini zeBhayibheli, amalunga omuzi na? *Ilunga* kuchaza ukuthi "inhloko yomuzi" noma "inhloko yesizwe."

287 Manje, babebangaki na? Amashumi amabili nane, amalunga abangamashumi amabili nane. Ngabe kunjalo na? Manje...O, he! Kwakuyini na? Abaphostoli abayishumi nambili nezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, okhokho abayishumi nambili. I...Manje, sizokuthatha siqhubeke sehle size singene kwezinye izifundo, futhi sikufakazise ukuthi lokho kulungile, ngakho-ke nina, ngiyajabula ukuthi nikubhala phansi manje. Niyabo? Okhokho abayishumi nambili nezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli! Manje, bhekisisani. UJesu washo ukuthi...

288 UPetru wabuza ngolunye usuku, wathi, "Sizokwemukelani na? Sishiye ubaba, umama, umyeni, unkosikazi, izingane, konke okunye, sishiye yonke into." UPetru wathi, "Sishiye omkethu, sishiye abantwana bethu, sishiye ubaba wethu nomama, amakhaya ethu nezindawo, ukulandela Wena."

289 Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini, ukuthi nizohlala ezihlalweni zobukhosi eziyishumi nambili, nehlulele izizwe eziyishumi nambili." Nakho lapho okhona, lowo ngohlengiwe, amalunga ahlengiweyo.

290 Buka—buka uDavide efanekisa uKristu. Niyabo? Ngenkathi uDavide engena ekubuseni, into yokuqala, wayenesikhathi esesabekayo ngaphambi kokuthi angene emandleni. Nokho wayenokugcotshwa kuye, yebo, ukugcotshwa kwakukuphezu kwakhe. Futhi abantu abaningi babecabanga ukuthi "Wayeyimbuka nje elincane, umfo omncane owayehlukile, ezama ukudabula okuthile." Kodwa kukhona amanye amadoda ayazi ukuthi wayezoba yiNkosi, bahlala naye ngqo. Mfowethu, ngiqonde ukuthi angeke ubasuse kuye, njengoba behamba beqhubeka nje.

291 Ngelinye ilanga wema phezulu lapho entabeni, wabuka phansi wase ebona owakhe omncane, umuzi othandekayo uvinjezelwe isitha. Futhi wama lapho futhi wakhumbula ngenkathi esengumfanyana, wayevamise ukukhipha izimvu kudabule lapho futhi ziphuze lawo manzi, kwakungamanzi angempela. (Sikhulume ngakho lapha kungekudala, *AManzi okuPhila*.) Futhi nangu, "Cabanga, ngiphuzile kulokho."

292 Futhi isifiso sakhe esincane kwakungumyalo kunoma iyiphi indoda ayenayo. Mfowethu, amabili alawomadoda adumela izinkemba zawo futhi alwa adabula amamayela ayishumi nanhlanu amaFilisti, ewagawula esuka kwesokudla kuya kwesobunxele, ukuba amtholele amanzi okuphuza emthonjeni. Ayazi ukuthi wayezongena embusweni. Yebo, mnumzane. Ngesinye isikhathi, enye yawo, ukuba imsindise, yagxumela emgodini futhi yabulala ibhubesi, iyedwa. Ayengamaqhawe. Futhi lapho—lapho engena embusweni, niyazi ukuthi wenzeni na? Wenze ngayinye yawo yaba ngumbusi phezu komuzi othize.

293 Niyabo uKristu lapho na? "Onqobayo uzobusa phezu komuzi." Abanqobi! Namuhla lapho sibona ukuthi Uzongena embusweni, uKristu uzobusa kulelizwe. IJalimane, ne-United States, futhi onke afanele awe, sonke isizwe sifanele siwe. Imibuso yalelizwe isiphenduke imibuso kaNkulunkulu wethu nekaKristu waKhe, futhi Ubeyobusa futhi ayiphathe. Kunjalo.

294 Siyazi ukuthi Uzongena embusweni, ngakho-ke okuncane kwesifiso saKhe kungumyalo kithi! "Ufuna mina ngimele Yena eTimbuktu encanyanyana lapho kungekho amasenti ayisihlanu emali, lapho kungekho lutho khona, noma isigejane sabantu abampofu," leso yisifiso. Amen!

295 "Awudingekile ukuthi uthole okuningi kakhulu, awudingekile ukuba wenze *lokhu*, ngazise nje ukuthi Yena ufuna ukuhamba." Amen. Yilokho kuphela.

296 "Uma Efuna mina ngenze ngokwehlukile, ngiziphathe ngokwehlukile," njengalabodadewethu nezinto, "uma Efuna ngenze into ethize, akabusiswe uNkulunkulu, kuyinhlanhla kimi ukuthi ngikwenze." Nakho lapho okhona! Siyazi Uzongena embusweni, akunandaba ukuthi izwe lithini. "Uma ngizodingeka ngibeke eceleni konke okusindayo nezono ezingihaqile kalula, mangigijime ngesineke umjaho engibekelwe wona. Mangibuke kuMqalisi noMphelelisi wokuKholwa kwethu, uJesu Kristu." Ozongena embusweni!

297 Lelo "amalunga," amalunga angamashumi amabili nane. Kulungile. Ishumi nambili. . . Ngale eSambulweni, sithola lokhu. ENcwadini yeSambulo, cishe isahluko 21, sithola ukuthi umuzi waseJerusalema wawunezisekelo eziyishumi nambili. Kunjalo na? Futhi wayenamasango ayishumi nambili, ukuthi kwakungamathathu nganxanye, okuthathu okune yishumi nambili. Nje ncamashi ngendlela itabernakele elalimiswe ngayo ehlane, ngokuba uJohane washo into efanayo ncamashi uMose ayibona ngenkathi wayephezulu lapho, into efanayo lokho uPawulu akubona.

298 Futhi manje siyaqaphela ukuthi izisekelo eziyishumi nambili zazingamagama abaphostoli. Namasango ayishumi nambili ayenegama esizwe ngasinye esangweni. Sibuka kanjani kulokho futhi sibone lawomalunga ayishumi nambili, izizwe eziyishumi nambili, abaphostoli abayishumi nambili, izisekelo eziyishumi nambili, amasango ayishumi nambili! O, he! Thatha lezo zibalo zikaNkulunkulu futhi angeke uzigeje noma kuphi, uzogijima ngqo ubonakale uqondile yonke indawo ngasosonke isikhathi.

299 Yingalesosizathu, niyabo, sinalezizinsuku eziyisithupha umhlaba owasebenza ngazo, futhi siphezulu le sisondele kulolusuku lwesikhombisa manje. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqala, uNkulunkulu wabhubhisa amanzi. . . izwe ngamanzi. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesibili, uKristu uyafika. Lona ngu-1961, khona emnyango ngqo, isikhashana nje. Futhi bukani, uJesu wathi, "Manje, angeke ugijime uze uphele nya," Wathi, "ngoba Ngizofanele nginciphise umsebenzi. Uma Ngingakwenzi, ibhomu le-atomu lizobhubhisa yonke inyama. E-hhe. Ngenxa yabaKhethiweyo, ngizonciphisa umsebenzi ngokulunga. Ngiwunqume, ingxenye yesikhathi." Niyabona, khona-ke iminyaka eyinkulungwane yeminyaka eyiNkulungwane, uSuku olukhulu.

300 Ngenkathi iBandla lisasebenze ngokumelana nesono iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi inkulungwane yesikhombisa iminyaka eyiNkulungwane. Njengoba

uNkulunkulu enza iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukwakha izwe, futhi enkulungwaneni yesikhombisa Waphumula kuyo yonke imisebenzi yaKhe. Futhi iBandla lisebenze lamelana nesono iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, futhi inkulungwane yesikhombisa iBandla liyaphumula.

301 Izingubo ezinde ezimhlophe ezazembethwe amalunga zingukulunga kwabaNgcwele. Oku*mhlophe* kuchaza "ukulunga." Futhi ngoba babe*mbethe* kukhombisa ukuthi babengaba "pristi noma abahluleli," bembethe okumhlophe, abapristi, abahluleli, abaprofethi, kanjalo njalo; niyabo, ukuthi babeyini. Babegqoke ezimhlophe, amalunga angamashumi amabili nane. Kuyobakhona amashumi amabili nane. Kuyobakhona abayishumi amabili babo bezizwe eziyishumi nambili zika-Israyeli; abaphostoli abayishumi nambili beBandla.

302 Futhi bahlezi emagcekeni eNkosi enkulu. Khumbulani, bahlezi laphaya, *laba* banjalo. Futhi *lapha* nguMlobokazi noKristu ehlezi esiHlalweni saKhe sobukhosi noNkosikazi waKhe ehlezi ngakuYe, iBandla. Amashumi amabili nane amalunga . . . Abathenwa abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane bethempeli bekhonza kuYe. Lapho Esukuma, uNkosikazi waKhe uhamba kanye naYe. O, o he! KulowoNyaka omkhulu ozayo, lapho sonke isono nomfanekiso wezono . . .

303 Zonke ezinkulu, izakhiwo ezinhle abantu abazithandayo kakhulu namhlanje, yonke imali nokukhanuka naso sonke isono nabesifazane abahle nabesilisa, futhi noma yini abazama ukuyenza imizimba yabo, okuthize noma okunye, ukuba kube ugibe lukadeveli ukuthumela imiphefumulo yabo esihogweni, bayoshabalala futhi babole, bese kuthi izibungu zesikhumba ziyidle. Futhi into yokuqala, izibungu zesikhumba . . . konke abake babayikho kuyovele kuhambe kungene emlilweni wentaba-mlilo ukuba kubuyele emuva kuyilutho ngaphandle kokuwa na—nawo wonke umlotha wentaba-mlilo.

304 Kodwa ngokunye kwalokhu ukusa, mngani, ngokunye kwalokhu ukusa, lapho konke sekuphelile, uyoqhakaza futhi. Amasimu nesithombo esidliwa yimfuyo esimhloshana sawo namakha aphuma embalini ayoxubana nokuqhakaza okuvela eMthini wokuPhila, futhi uKristu uzobuya ngokunye ukusa. Lapho izinyoni ezinkulu, amajuba, ayohlala ezihlahleni futhi akhale, futhi angeke kusabakhona ukufa futhi kungabe kusabakhona usizi. UKristu nabaHlengiweyo baKhe bayobuyela emhlabeni; hhayi abantu abadala, kodwa abasebasha kuze kube phakade. Singafi, siyofana naYe, ilanga nezinkanyezi siyokhanya sizidlule.

Ngiqonde kulowomuzi omuhle
INkosi yami ewungiselele abaYo uQobo;

Lapho bonke abahlengiwe beminyaka yonke
Beyohlabelela "Udumo!" bezungeze isiHlalo sobukhosi esiMhlophe.
Ngezinye izikhathi ngikhumbula iZulu
Nenkazimulo phezulu engiyoyibuka;
Kuyoba yinjabulo enkulu lapho sengibona uMsindisi wami,
Kulowomuzi omuhle wegolide!

Ngilangazelela kanjani ukuMbona! O, ngifuna ukuMbona!

Ngiqonde kulowoMuzi omuhle!

305 UJohane wakubona, esiqhingini sasePatmose, ehla njengoMlobokazi ehlotshiselwe umyeni wakhe. Inkazimulo yawo ngifuna ukuwubheka, ngelinye ilanga.

Ngifuna ukuMbona, futhi ngibuke ubuso baKhe,
Lapho ukucula ingunaphakade ngomusa waKhe osindisayo;
Ezitaladini zeNkazimulo mangiphakamise iphimbo lami;
Zonke izinkathazo sezedlule, sengisekhaya ekugcineni, ngithokoze njalo njalo.

306 Ukushelela okuncane nokushushuluza eqhweni, nokushisa okuncane nemishikashika yosuku; ngifisa sengathi umkami noMabel bengeza ngaphambili futhi bangiculele leloculo, ukuba bengi—ngingakwazi, "Imishikashika yomgwaqo iyobonakala ingelutho, lapho sengifika ekupheleni kwendlela." Kunjalo.

307 Ngiyabukhumbula ubusuku lapho ngishiya ibandla ukuba ngiqale emsebenzini wokuvangela, lapho nonke nikhala; akasekho noyedwa wabo osasele, kul'khuni, mhlawumpe abambalwa benu lapha. UDadewethu noMfowethu Spencer, futhi mhlawumbe a—abambalwa izingwazi ezindala ezisele, ngenkathi bekhala lapha. Kodwa lapho uMoya oNgcwele uthi, "Ufanele uhambe!"

308 Futhi ngiyakhumbula umhlangano wami wokuqala ngemuva kokuba ngase ngihambile izinyanga, uMeda wehlela eJonesboro, uBecky wayeyingane encanyanyana, wehla ngesitimela esidala iCottonbelt, kwabathatha izinsuku ukufika lapho. Futhi ngangimile phandle lapho ngenkathi efika ngalobobusuku. Sazama ukufika ehholo elikhulu, ibanga elingangezindlu ezintathu zasedolobheni ukuqhela, amaphoyisa ayebambe izitaladi kanjalo. Izitaladi zazigcwele ngisho. Babe, ngithathile bangedlulisa futhi bangizungelezisa ukuba ngingene endaweni. UMeda wathi, "Ngabe bazele ukuzokuzwa ushumayela, Bill na?"

309 Ngathi, "Qhabo." Khona-ke sacula:

Bavela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bavela ezweni elikude,
Ukudla idili neNkosi yethu, ukudla njengezimenywa zaYo;
Zibusisiwe kakhulu lezizihambi!
Zibheka ubuso baYo obungcwele
Zivutha uthando lwaphezulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waYo.

O, uJesu uyeza masinyane,
Izivivinyo zethu ziyophela-ke.
O, singathini ukuba iNkosi yethu ingafika ngalomzuzu
Kulabo abakhululekileyo esonweni na?
O, khona-ke bekuyonilethela injabulo,
Noma ukudabuka nokukhulu ukuphela ithemba na?
Lapho iNkosi yethu enkazimulweni ifika,
SiyoYihlangabeza phezulu emoyeni.

310 Amen! O, ngiyaMthanda! Ngabe kuyonilethela ukudabuka nosizi olujulile, noma kuyonilethela injabulo na? Lapho iNkosi yethu enkazimulweni iza, siyohlangana naYo phezulu emoyeni. Ngaleyomicabango engqondweni yethu, asikhothamise amakhanda ethu. INkosi ithanda, ngizoyiqeda lenkonzo ngesinye isikhathi.

311 Baba wethu waseZulwini, o, bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga, bayovela emazweni akude. Ngicabanga ngaloloHlwitho olukhulu. Abantu engishumayele kubo e-Afrika, eNdiya, nasezweni jikelele, ukuthi ngiyophinde ngibubone kanjani ubuso babo. Abaningi babo bekhala, bephumela ngaphandle endizeni, futhi bencike ezigcingweni futhi bedazuluka futhi bekhala. Ngicabanga ngenkathi bephuma noPawulu ngesinye isikhathi, baguqa phansi futhi bakhuleka. Wathi, "Ngiqinisekile akekho noyedwa kini . . . abaningi benu lapha ngeke besabubona ubuso bami."

Kodwa bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bayovela emazweni akude,
Ukuzodla idili neNkosi yethu, ukuzodla njengesimenywa saYo;
Zibusisiwe kakhulu lezizihambi!
Zibheka ubuso baYo obungcwele (eNkazimulweni yemarigudi)
Bavutha ukuKhanya lwaPhezulu; (Hhayi nje ukukhanya kwesibani noma ukukhanya kwekhandlela, kodwa—kodwa ukuKhanya

kwaPhezulu, kuvutha ngokuKhanya kwaPhezulu.)
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Ukuba bakhanye njengamagugu emqheleni waYo.

O Nkulunkulu!

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,
Limenza mhlophe qwa,
Lapho iphimbo likaNkulunkulu lithi, "Ngubani oyakusiyela na?"
Khona waphendula wathi, "Nangu mina, thuma mina."

312 O, thumela iNgelosi kulokhu ukusa, amaKherubi anamaphiko ayisithupha, njengoba u-Isaya awabona, endiza edabula esakhiweni, ememeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi." Futhi u-Isaya umprofethi osemusha wathi, "Nginezindebe ezingcolile, futhi phakathi kwabantu abangcolile, namehlo ami abonile iNkazimulo yeNkosi." Izinsika zanyakaza ethempelini. Futhi iNgelosi yathatha udlawu e-altare, futhi yathatha ilahle lomlilo, futhi yalibeka ezindebeni zakhe, yathi, "Ngihlanza izindebe zakho. Manje profetha, ndodana yomuntu." Thumela iNgelosi kulokhu ukusa, Nkosi, hlanza izindebe zethu kunoma yibuphi ububi. Hlanza izinhliziyo zethu, futhi ungene, Nkosi. Hlakaza ukuzithandela kwabo. Lokho. . .makuthi intando yami (kuWe) ibe yiNtando yaKho, Nkosi. O, iNtando yaKho kimi, O Nkulunkulu. Futhi makuthi mina nebandla lami nabantu bami sibe ngabakho, O Nkosi. Sizinikela kuWe.

313 Futhi njengoba imbongi yaqhubeka ithi, Baba:

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni; (Ngapesheya e-Afrika, phansi eNdiya, ezweni lonke, izinkulungwane ngehora, futhi zihlangana naWe ngaphandle kokwazi Wena.)

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni; (Nokho, Nkulunkulu, kudabukisa umphefumulo wami ube yizicucu ukucabanga ngakho.)
Lalela ukukhala kwabo okudabukileyo nokumunyu;
Shesha, mfowethu, shesha ubakhoselise;
Ngokushesha phendula, "Nkosi, nangu mina."

314 Siphe khona, Nkosi, siphe khona futhi. Ngenze lonke uhlobo lwamaphutha, Baba, kulonyaka owedlule, ngiyakhuleka Uyangithethelela ngawo. Futhi kuloNyaka oMusha, Nkosi, ngigcobe kabusha. Mangiye kulezozigidi ezihlezi ngaleya esonweni nasehlazweni, ziyafa, balethele lesisambulo esikhulu

seQiniso laKho, balethele ugcobo lukaMoya oNgcwele; ukuthi ngalolosuku bangahle bavele eMpumalanga naseNtshonalanga, bakhanye njengamagugu eMqheleni waKho. Ngisize, Nkosi, ukuthi ngehle futhi ngihlwaye phansi futhi ngiwagubhe aphume emhlabathini, uthuli lomhlaba, uthuli nokungcola esiphila kulo. Futhi mababone uNkulunkulu oNgcwele obenza bahlanzeke futhi baphile njengamaKristu, bengcwelisiwe futhi behlanzeke phambi kwaKho; bafulathele okubi, kuzo zonke izinhlobo zokuzijabulisa kwezwe, futhi baphendukele kuNkulunkulu ophilayo, futhi ubenze izithunywa zoMbuso waKho ngalolosuku olukhulu.

315 Ngcwelisa lelibandla elincane kulokhu ukusa, Nkosi. Ngcwelisa wonke umuntu olapha ngoMoya waKho, futhi makuthi uMoya oNgcwele ungene ezinhliziyweni zabo, ngamunye wethu. Uvuselele uMoya kubo osevele ure-. . . ovule izinhliziyo zabo ngokuzithandela kwabo, uyiphikile intando yabo uqobo futhi uzile ukuzokwazi iNtando yaKho.

316 Labo abancinyana, Nkosi, iningi labo izinganyana nje ezincane. Ukuthi ubancelisa kanjani ezingalweni zaKho! Ukuthi umama umnakekela kanjani omncinyana wakhe, esula izinyembezi emehlweni abo futhi—futhi ebanikeza izinto ezikhethekile ngoba uyabathanda. Ubathanda kanjalo-ke abancinyane baKho abasanda kuzalwa, Nkosi. Abakakwazi ukuhamba okwamanje, angeke ngisho bakhulume okwamanje. Into kuphela abangayenza ukukhala futhi babuke kuMama. O Nkulunkulu, babambe ezingalweni zaKho, ngomusa, njengamawundlu amancane, futhi bahole baze bakhule ngokwanele ukuba bakwazi ukuhamba. Khona-ke bahole, Nkosi, behlele phansi ezindleleni zenkonzo. Siphe khona.

317 Sithethelele izono zethu, njengoba nathi sibathethelela labo abasonayo. Ungasingenisi ekulingweni, kepha usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nodumo, kuze kube phakade, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

318 UNkulunkulu anibusise! Ngiyethemba ukuthi iNkosi inenzele okuthile kulokhu ukusa ukunenza niqale uNyaka oMusha phezu kwalento eyodwa, ukuthi niyamthanda uJesu Kristu, futhi ngeliny'ilanga nifuna ukuMbona futhi niMthande futhi nihlale naYe kuze kube phakade. Kuyisifiso sami ukuthi kungabikho noyedwa kini ozolahleka, ukuthi nonke nizosindiswa futhi nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi nilondolozwe kuze kufike loloSuku lokuFika kwaKhe, ngoba ngiyakholwa ukuthi selusondele maduze.

Manje ngibuyisela inkonzo ku-Mfowethu Neville.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org